# *Ukuyekela Ingcindezi*

Ngiyabonga, Mfowethu Brown.

Konke kuyenzeka, kholwa kuphela;
Kholwa kuphela, kholwa kuphela,
Konke kuyenzeka, kholwa kuphela.

2 Ngiyabonga. Asibe silokhu simile umzuzwana nje, sisakhuleka. Bangaki abangathanda ukukhunjulwa, kulobubusuku, emkhulekweni na? Ubungavele ukwenze kwaziwe njengoba uphakamisa isandla sakho na? Asikhothamise amakhanda ethu manje, njengoba sibhekene naYe.

3 Baba wethu waseZulwini, sicela imvume, njengoba siza eGameni leNkosi uJesu, ukusondela esiHlalweni saKho somusa. Besingeke nakancane sifune ukuma esiHlalweni sokwaHlulela, kodwa esiHlalweni somusa, ngokuba kukulomusa, ngesihawu saKhe, ukuthi siza siKubonga kuqala, ukuba siphile futhi sibe lapha, kulobubusuku. O, uSathane angafisa kanjani ukusisusa, masinya, esigcawini, khona phakathi kwempi, kodwa iziNgelosi zikanisa ngakulabo abaMesabayo, futhi sibonga kakhulu ngalokhu. Futhi ngijabula kakhulu ngolwazi oluselusha lokwazi ubuqiniso besithembiso saKhe.

4 NgiyaKubonga, kulobubusuku, ngalombuthano wezakhamuzi ezikanye nathi ezingamaKristu zoMbuso kaNkulunkulu, kulenhlanganyelo enkulu lapha emhlabeni, esinayo ndawonye, ngalendlela yokuhlanganyela eZwini, sihlezi ndawonye ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu. SiyaKubonga ngalokhu okukhulu kweFull Gospel Business Men, ukufinyelela okubanzi kanye nokuthonya ngeVangeli phakathi kosomabhizinisi, nakuzo zonke izigaba zokuphila. Futhi ngalezizinceku eziyigugu, ezigcotshiwe, ezilapha emsamo, kulobubusuku, nasezinkundleni, ukuthi emva kwabo kunophawu lobuKristu eminyakeni yokuphikelela, futhi becindezela impi phezulu le lapha, kuya emgqeni ongaphambili. Nkulunkulu, besizokhuleka, kulobubusuku, ukuthi iziNgelosi zikaNkulunkulu zizothatha indawo yazo manje, phakathi kwethu.

5 Basindise abangasindiswanga, bagcwalise labo ngoMoya oNgcwele, futhi bahlome izikhali zonke zikaNkulunkulu kulabo abangazigqokile bazifasa futhi—futhi bazimboza. Futhi sikhulekela ukuthi Uzophulukisa abagulayo nabahluphekileyo. Kwangathi kungaphakama ukumemeza okukhazimulayo okungako phezu kwalenkundla yokukhempa, Nkosi, ukuze Lowo Owahamba oLwandle lwaseGalile angangena echibini, kulobubusuku, futhi ahlale nathi, futhi asebenzane nathi,

Nkosi, ngamunye njengoba sinesidingo. Khuluma kithi ngeZwi laKho, Nkosi, ngokuba ngempela lelo yithemba lethu nokuma kuseZwini laKho. Siyakucela, eGameni likaJesu. Amen.

6 Ngiyabonga. UBilly, indodana yami, ufike kusese-eli kancane kimi, kulobubusuku, futhi wathi kimi, "Ngingathanda ngempela ukukwehlisela ezinkundleni." Wathi, "Ubone izingqungquthela eziningi kakhulu, futhi besiyi, ingxenye enkudlwana yomhlaba sindawonye, kodwa," wathi, "lena enye yezindawo ezinokuthula kakhulu, izindawana zokuphumula owake wazibona, Babayi."

Futhi ngathi, "Kulungile."

Wathi, "Kodwa ngizolinda kuze kufike kamuva kancane nje."

Futhi ngathi, "Yini indaba na?"

7 Wathi, "Abanye abazalwane nami besimi phandle lapho ekhampasini, phandle enkundleni," futhi wathi, "izingwejeje ezimbili ezinkulu ezimpunga ezikhuluphele bezihlezi ehlathini." Futhi wathi, "Uyobe uzijaha kuze kube phakathi kwamabili ukuze uzithole, ngakho . . . "

Ngathi, "O, Paul!"

8 Kuyinhlanhla ukuba lapha, kulobubusuku. Nginezinto eziningi engingabonga ngazo, ngijabule kakhulu ngokuphila nokuba senkonzweni yeNkosi. Impela ngiyabonga ngalokhu kuphawula okuhle kakhulu uMfowethu Brown, umfowethu othandekayo, asanda kungikhokhela khona emizuzwaneni embalwa edlule. Ngi—ngizizwa ngimncane impela ukusukuma ngemuva kwe, ngeke ngimbize ngalokho engikwenze lapha emsamo, emizuzwaneni embalwa edlule, kodwa ngokuqinisekile bekuyisihloko esikhulu, kodwa angase angakuthandi lokho. Ngakho, washo ukuthi, "Ubungeke ukwazi ukuhlukanisa amaPentecostal kumaPresbyterian." Qhabo, hhayi lapho amaPresbyterian eba yiPentecostal, kunjalo. Lokho—lokho ngukuthi, kubenza bafane bonke.

9 Futhi kungukuthi impela, ngamangala ngomlayezo omkhulu engawuzwa kuMfowethu Brown, ngalobobusuku, eza ngomgudu weNkosi, inceku yaYo. Nokuthi Yawubusisa kanjani umphefumulo wami, futhi, ukwazi ukuthi uNkulunkulu uvusa loluhlobo lwabantu. Futhi ngiyaqonda ukuthi umngane wami oligugu, uMfowethu duPlessis, ovela eNingizimu Afrika ulapha futhi usevele ukhulumile nani. Futhi ngineqiniso ukuthi bekugcwaliswe ngamavithamini anothile avela eMbusweni omkhulu kaNkulunkulu, uletha umlayezo oshukumisayo kanjalo, futhi.

10 Manje, niyazi, bengi, ngaphambi nje kokuba ngingene ngithathe uhambo oluncane cishe lwamayadi ayikhulu ngiphuma futhi ngizungeza. Futhi niyazi, lokhu kungenza

ngicabange ngokuba nengqungquthela, mina uqobo, ngonyaka ozayo futhi ngiyikhuphulele lapha, futhi sibone ukuthi besingakwazi yini ukuqasha lezizinkundla, futhi wonke umuntu ahlale nje azungeze, abe cishe neviki phezulu lapha, ngikhulekela abagulayo nje, bengenisa abagulayo nabahluphekileyo, lokho bekungaba kuhle kakhulu. Sizokhulekela lokho futhi sibone ukuthi iNkosi izothini ngalokho. Ngithanda ukwenza njengoba nje Ingitshela, niyazi, bese-ke ngizizwela ngikahle ngakho.

11 Ngineqiniso ukuthi kuzolunga uma mina, phakathi e, phakathi kwabazalwane lapha, ngithi ukumemezela i, eminye yemihlangano yami elandelayo, ngiqagele lokho bekuzolunga. ngiyazi. . . Angicabangi ukuthi bekuzolimaza noma yini. Futhi kusasa, sizoba lapha, futhi kusasa ebusuku, edilini, iNkosi ithanda. Bese kuthi-ke ngeSonto ntambama sise, angikwazi ukubiza igama lalokho, oMather, noma, i*Mather*, noma, iHholo elikhulu leMather High School eChicago, lapho engangikhona, engqungqutheleni yokugcina; saba nesikhathi esihle kakhulu kangako.

12 Bese kuthi-ke uMsombuluko ebusuku e, ngikholwa ukuthi yiMather futhi okwe, uhlobo lombuthano wezithunywa zenkolo, noma iphathi encane yokuvalelisa kaMfowethu othandekayo uJoseph Boze, ebesihlanganyele ndawonye naye isikhathi eside kangako. Kuhle kakhulu ukubona uMfowethu Boze, noMfowethu Carlson, futhi, o, uMfowethu Sonmore. Abaningi lapha kulobubusuku, ngiyaqalaza futhi ngibone ubuso babo, futhi ngijabule kakhulu ngalokhu.

13 Bese-ke ngiya ekhaya ukuqhubekela engqungqutheleni eSouthern Pines, eSouth Carolina, ziyi 7, ziyi 8, ziyi 9, kanye ziyi10 kuJuni, nephepha i *The Midnight Cry*. Bese-ke ngiqhubeka ngehlela kwenye iPresbyterian, uMfowethu Bigby. Nguye owabhala lolodaba, *UDokotela WePresbyterian Uhlangana NoMprofethi WePentecostal*, noma okunye ukuphawula okunjalo. Futhi ngizoba naye ezansi eColumbia, eSouth Carolina.

14 Bese ngiya ngale eSouth Gate, iCow Palace, lapho esibe nezingqungquthela eziningi lapho neBusiness Men. Bese-ke ukusuka lapho ngicabanga ukukhuphukela e, ngikholwa ukuthi yiSanta Monica noma kwenye indawo phezulu lapho, phezulu eCalifornia, eGrass Valley, kuqhubeke kukhuphukele e, ngikholwa ukuthi yiSpokane, kusukela lapho ngibuyele e, ezansi e-Oregon, eSalem, e-Oregon, bese-ke ngiqhubekele ngale eBritish Columbia futhi ngikhuphukele e-Anchorage, e-Alaska, ukuhlela umkhandlu weBusiness Men lapho, lapho nje imvuselelo isiphelile. Bese-ke ngizama ukubuyela ekhaya ngesikhathi ukuze ngithole ubusika phesheya kwezilwandle.

15 Ngike ngathi ukulalela futhi ngabheka abazalwane bami bePentecostal, njengoba bebikezele imvuselelo eshanelayo ezayo. Futhi sonke siyazi ukuthi imvuselelo esisanda kudlula kuyo isinqamukile, kodwa kufanele kuze okunye futhi okukhazimulayo nokukhulu. Futhi ngakho bengitadisha kanzima ukuthola lezizindawo emBhalweni. Ngicabanga ukuthi uma . . . Isambulo sethu—sethu sifanele sibe ngokomBhalo, futhi-ke siyazi ukuthi siqinisile, uma kungumBhalo, kuvela eNkosini. Futhi ngiqala ukukholwa ukuthi lokho kunjalo, ukuthi siyeza isikhathi sokuvuthwa sezithelo zakusihlwa.

16 Ngashumayela ngolunye usuku ngokuthi *I—ISihlahla soMlobokazi*, ngokusa kwePhasika: Ukuthi uKristu wayeyileso siHlahla esasiphelele kanjani. UDavide waSibona wathi, "Simi ngasemifuleni yamanzi." Bese kuthi-ke iRoma yasigawula kanjani lesoSihlahla, neSihlahla esiphelele sithela izithelo eziphelele zikaNkulunkulu, futhi yaSilengisa esihlahleni esenziwe ngumuntu, kodwa uNkulunkulu waSivusa ngosuku lwesithathu. Bese-ke nakho kufika iSihlahla soMlobokazi siphuma, siveza izithelo zaSo. Kwase kungena isitha futhi sase siSigawula phakathi neminyaka yobumnyama, kodwa "Ngizobuyisela," isho iNkosi.

17 Ukuthi amaLuthela asukuma kanjani, futhi enza ihlelo, nomvini wathenwa; nakho kukhuphuka iMethodisti, ihleliwe, umvini wathenwa; nakhu kukhuphuka ihlelo lePentecostal, umvini wathenwa, kodwa isithelo sivuthwa esiqongweni sesihlahla lapho ukukhanya kwakusihlwa kuphuma. Siseduze nomgwaqo. Ngakho silindele izinto ezinkulu esikhathini esizayo.

18 Ngisanda kuba nengozi, njengoba nazi, futhi yacishe yaqhumisa yakhipha womabili amehlo. Futhi ngibonga kakhulu uku—ukuba lapha, kulobubusuku, ukuthi ngiyakwazi ukubona.

19 Manje, wena ogcina umBhalo, mina, noma izindikimba, bengingeke ngazi noma ngiyibize ngento ethile ebengikhuluma ngayo "indikimba" noma qha, Nginokuphawula okumbalwa nemiBhalo okubhalwe phansi lapha ukuthi ngizizwele ukuthi mhlawumbe iNkosi ingenze ngikhulume kancanyana ngakho, imizuzwana embalwa. Futhi ngokuvamile angipheli neze, awu, ngolunye usuku nganginjalo, ngiyacabanga, Mfowethu Sothmann, cishe amahora ayisithupha noma into ethile enjalo. Kungithatha isikhathi eside.

20 Uyazi, a—angazi kakhulu kangako, ngakho-ke ngi—ngifanele nje ngilinde, futhi ngakho-ke kufanele ngithi ukuthatha isikhathi sami, angifani nabanye balaba bazalwane abayizazi zesayense yezenkolo ngempela, futhi ngikuvumele nje ukuba kugingqike kuphume. Kufanele nje ngithi ukukulinda ukuthi kuphume, futhi ngithi ukuhamba kancane nakho, niyazi. Kungithatha isikhathi eside, khona-ke wena . . . isikhathi eside

ukuqalisa, bese isikhathi eside ukuma. Kepha, ngizizwela, ngigijima, niyazi, kufana nokuthola imoto, kanye kuwo wonke lawo magiya uze ukuyise egiyeni eliphezulu, bese-ke kugijima kahle impela, uyathanda ukukuyeka kugijime kanjalo isikhashana.

21 Ngakho ake, okokufundwa komBhalo, asifunde eZwini likaNkulunkulu, kulobubusuku, kuZaga isahluko 18 nevesi 10, kanye naku-Isaya 32:2 ukuqala nje.

22 Manje, kuZaga isahluko 18 nevesi 10, kufundeka kanje:

> *Igama leNkosi lingumboshongo onamandla: olungileyo* ugijimela *kuwo, balondeke*.

23 Futhi eNcwadini ka-Isaya, 32:1 kanye 2:

> *Bheka, kuyakuba-khona iNkosi ebusa ngokulunga*, isikhulu *zibuse ngokwahlulela*.
>
> *Umuntu uyakuba yindawo yokucashela umoya, nesivikelo esivunguvungwini; njengemifula yamanzi endaweni eyomileyo, njengomthunzi wedwala elikhulu ezweni eliyethileyo*.

24 Manje kwangathi uNkulunkulu angengeza izibusiso zaKhe ekufundweni kwaleliZwi eliligugu. Ngikhulekeleni. Njengoba ngangilalele umfowethu omncane oyikhaladi, ezinsukwini ezimbalwa ezedlule eLouisville, umshumayeli omncane wePentecostal, futhi wayeshumayela, ehaya, futhi wayelahlekelwa nguMoya imizuzu embalwa, futhi wayema futhi athi, "Nonke niyangikhulekela na?" Futhi uyothi, ashumayele amanye amazwi ambalwa, athi, "Othile akangikhulekele!" Wathi . . . Futhi awazi ukuthi lokho kusho ukuthini ngaphandle kokuthi ukhuphukele lapha kanye.

25 Ukuza emsamo akufanele nanini kube ukuza uzobonwa, noma ukuza ukuze uzwiwe. Ufanele uze, futhi uvela ekubeni busha kwegumbi lakho ngomkhuleko, ungena enhlanganweni yebandla ngaphansi kogcobo, ukwenza njengoba nje uMoya oNgcwele uzothi kwenze, ukusho njengoba Eshilo. Yena, angazi ukuthi Uzokwenzani.

26 Sengiqalile ukushumayela kanje, futhi ngibone uMoya oNgcwele uhamba unqamula e-altare, futhi ubize abesilisa nabesifazane abaphila ngokuphinga, nakho konke, futhi ubalethe e-altare futhi babe nokuvuma; futhi ngaMbona eqaqa futhi ephulukisa abantu. Futhi anazi ukuthi Uzokwenzani. Futhi ngiMbonile eveza imilayezo esika amaKristu, futhi ngezinye izikhathi ubusise amaKristu. Futhi awazi, uvele uye lapho, yilokho kuphela. Futhi uma uhamba nanoma yini, uhlobo lokusika futhi womisiwe ngaphansi kombono wakho siqu, ungase ukhohliswe kakhulu.

27 Ngesinye isikhathi kwakukhona omncane, umfundisi ogama lakhe linguJack Moore, abaningi benu bayamazi,

uyilunga lalenhlanganyelo, futhi wayenomfana omncane ogama lakhe linguDavid, futhi bengihlale ngicabanga ngakho, wayecishe, ngalezozinsuku, uDavid cishe wayeneminyaka eyisithupha ubudala. Futhi wayezwile uyise eshumayela, nabo bonke abashumayeli, ngakho wacabanga ukuthi iNkosi yayimbizile ukuba ashumayele, ngakho wathi, "Papa, ngifuna ukushumayela."

Futhi ubabayi wakhe wathi, "Kulungile, David, ngesinye salezizikhathi."

Futhi wayelokhu ethi, "Manje, Papa, ungithembisile ukuthi ngingashumayela."

28 Ngakho unina wamgqokisa kahle impela, wayesemfaka ubhothayi omncane, namabhulukwe amade, ihembe elincane elimhlophe, wayebukeka njengomfundisi wasesontweni, wenyuka wayesehlala esihlalweni ngalobobusuku, elungiselela ukushumayela. Ngakho uMfowethu Jack wathi, "Niyazi, bakwethu," wathi, "uDavid ubefuna ukushumayela isikhathi eside," wathi, "sizomkhulula nje manje." Wathi, "Woza, David, gxuma ezansi lapha futhi ushumayele."

29 Wathi, uphuma kulesosihlalo sengathi, uzothungela umhlaba ngomlilo. Wagxumela phansi lapho ekupheleni komsamo, wathi ukubheka kwesokudla nakwesokunxele. Wathi wayebukeka ephelelwe amandla kakhulu, wathi, "Ngeke kusebenze." Wabuyela emuva wahlala phansi.

30 Sengibone izikhathi eziningi bengingacabangi ukuthi kwasebenza, ngakho thina bashumayeli kufanele sime, sibhadazele sidlule kukho noma kanjani. Ngakho, njengoba umfowethu omncane eshilo, "Ngikhulekeleni."

31 Ngicabanga ngendaba, emva kokufunda lendikimba ekhazimulayo manje, nokufika engxenyeni enkulu yenkonzo, nifuna ukuthatha indikimba, kulobubusuku, efika emqondweni wami engike ngazama ukuyiphatha ngaphambilini, ngendaba yokuthi *Ukuyekela Ingcindezi*. Ngicabange ukuthi lokho bekuzofaneleka kakhulu.

32 Kukhona ingcindezi enkulu yonke indawo. Wonke umuntu ubonakala engaphansi kwengcindezi. Yini ekwenzayo na? Yini indaba na? Konke, kuwusuku lwengcindezi. Abantu bashayela emigwaqweni ngamamayela angamashumi ayisishiyagalolunye ngehora futhi bathola amathikithi emaphoyiseni, futhi bagijime behla ngomgwaqo, bacishe bathathe ithuba lokulahlekelwa ukuphila kwabo uku—ukuzungeza, uthole amanyathelo amahlanu phambi komunye umuntu, ukuya endlini yokuphuza ukuze uphuze ihora ngaphambi kokuba baye ekhaya. Ingcindezi. Kunjalo.

33 Ngisho namaKristu, kuyawakhathaza. Ubone amanye awo onke ezicindezelwe ukuze akunweshule, futhi ulaka olwanele lonke olwakhele, sengathi azoqhuma. Yini indaba

na? Okuthile okungalungile, okungafanele kube njalo, ulaka luvela kuSathane.

34 Wonke umuntu ungaphansi kwengcindezi nokho. Yebo angikholwa ukuthi yileli qembu lapha, kodwa—kodwa yi... niyazi, lemihlangano iyaqoshwa, ngakho izoya kwezinye izindawo, niyabo, ngakho ngizobe ngikhuluma naleloqembu elingaphansi kwengcindezi. Kodwa ngicabange ukuthi, niyazi, lolohlobo olukhathaza wonke amaqembu, ingcindezi. Uma uSathane eke akwazi ukukufaka ngaphansi kwengcindezi, usezokubhaxabula. Kunjalo. Ingcindezi eningi kangako.

35 Abantu benza izinto ezingalungile, futhi bazama ukukucashela. Awu, into kuphela lokho okuyenzayo ukwakhela ingcindezi eyengeziwe, kwakhela nje ingcindezi eyengeziwe.

36 Ngiyazi ukuthi ingcindezi isho ukuthini, ngacishe ngalahlekelwa impilo yami ngelinye ilanga ngenxa yengcindezi. Ngiyajabula iNkosi inginikeza ukuzijabulisa kokuphuma ngiyodoba, ngizingela.

37 Wonke umuntu uyamazi umama wami osanda kudlula emhlabeni ezinyangeni ezimbalwa ezedlule, ongcwele kaNkulunkulu obusisiwe, ngiyacabanga. Eas-..., noma, uSuku lukaMama, ngolunye usuku, angizange ngigqoke imbali. Abanye babo bathi, "Yini indaba, Billy?" Bathi, "Umama wakho akasandi kudlula emhlabeni na?" Bathi, "Kungani ungayifakanga imbali emhlophe na?"

38 Ngathi, "Angikwazi ukugqoka imbali emhlophe, umama akafile, uyaphila." Ya, ngathi, "Uma bengigqoka ezimbili, khona-ke bengizobeka isikhubekiso endleleni yenu. Uma bengigqoke emhlophe, bengingaba ngumzenzisi kimina, ngoba ngikholwa ukuthi uyaphila, akafile. UJesu wathi, 'Okholwa yiMi, noma efile, wophila. Futhi noma ubani ophila akholwe yiMi akasoze afa.' Ngiyakukholwa lokho." Lelo yiZwi laKhe.

39 Futhi ngakho, ngangihamba...Ukuzijabulisa kwami ukudoba nokuzingela, futhi ngiyajabula ngalokho. Lapho ngifika ekhaya, nezingcingo, abantu behlezi phakathi lapho bevela yonke indawo, belinde izinyanga, futhi bangaphansi kwengcindezi futhi, futhi bezama ukuthola ukuthi iNkosi ibingathanda ukuthi benzeni, nokuthi yini ezimpilweni zabo, futhi sihlala lapho aze uNkulunkulu akhulume phansi evela eZulwini futhi ukwembula kubo, lokho kwakhela ingcindezi futhi, nabantu.

40 Bese kuthi lapho ngikhathazeka, ngiyehla, ngingowamanye amakilabhu, ukuba ngehle ngidubule okuhlosiwe. Futhi bengilokhu ngifuna isibhamu esikhulu se-Weatherby Magnum. Kodwa ngi...O, abanye babangane bami bebeyongithengela sona, zibiza kakhulu, kodwa a—angikwazanga ukubavumela bakwenze. Angizange ngizibone ngivumela umngane wami ukuthi akhokhe imali engako ngesibhamu esikhulu, lapho

ngazi ukuthi izithunywa zenkolo zishumayela ngaphandle kwezicathulo ezinyaweni, ngakho a—a—angikwazanga ukwenza lokho.

41 UMfowethu Art Wilson unikeze indodana yami isibhamu esikhudlwana, lapha esikhathini esithile esedlule, futhi wayengazi ukuthi wayeyinxele, futhi kwakuyibhawodi lesokudla kuso. Omunye umngane wami ophethe indawo yeWeatherby, wathi, "Ake ngikuthathe lokho ngikuthumele ku-Weatherby futhi bakubholele yona futhi, futhi ngizokwenzela i-Weatherby Magnum ngaso." Wathi, "Uma ukwenza, kukubiza amadola angamashumi amathathu," wathi, "Ngingakwenza cishe ngamadola ayishumi nambili," wathi, "mangi—mangikwenze."

42 Awu, ekugcineni, ngi—ngavuma, Wayengumfowethu nje oyiMethodisti, esanda kwemukela uMoya oNgcwele, futhi—futhi ngi—ngamtshela, "Qhubeka," wayefuna ukukwenza kabi kakhulu. Ngasehlisela endaweni yokudubulela ngabeka igobolondo kuso, futhi ngasukuma ukuze ngidubule, futhi ngabona umlilo cishe amafidi amahlanu phezu kwekhanda lami, futhi yilokho nje engangikwazi umzuzwana noma emibili. Ngangicabanga ukuthi ngangifile, futhi into eyodwa ekhazimulayo, ngaba nomuzwa onokuthula kakhulu ukuthi ngi—ngi—ngi—ngi—ngiyakholwa uma kwakufanele ngife, angicabangi ukuthi ngiyokwesaba.

43 Futhi ngakho, angikwazanga ukubona, ngizwe, ngazi lutho. Futhi kwaqhumisa isibhamu sahlukana ngokuphelele kakhulu, kwaze kwathi umbhobho waya emgqeni wamayadi angamashumi amahlanu *ngapha*, futhi umphini nezinto zahamba amayadi angamashumi amahlanu emva kwami, futhi izingcezu zesibhamu zaxebula amagxolo esihlahleni, futhi kwancibilikela esandleni sami okwakusele. Futhi ngangingezwa into ethile itshaza sengathi, kwazwakala njenge. . . Ngiphaphame, futhi mina, ngizama ukuvula amehlo ami ukuze ngibone ukuthi kwakwenzekeni.

44 Futhi ucezu lwalungidubule esiphongweni ngqo, olunye lwazungeza iso lami nga*le*ndlela nasezansi nga*leyo*ndlela, nelinye ku*leli*thambo lomhlathi, elenye labhajwa ogebhezini, lolu lwashaya *ngapha* kweso, na*lolu* lwangena ethanjeni, *lolu* lwadlula lwashaya lwakhipha lelozinyo *lapho*. Futhi ngakho nganginesikhathi impela sokubona.

45 Indoda yayinami, yayiphuma iyobheka lapho okuhlosiwe kwakushaywe khona. Futhi angikwazanga ukumuzwa, futhi angikwazanga ukukhuluma naye, nami ngangibambe *leli*so ngesandla sami, ngizama ukumqhweba. Ekugcineni, wenyukela lapho, futhi, uMfowethu Wood, futhi wayexhuxhuma kakhulu akakwazanga ngisho nokudumisa imoto. Ngakho thina. . . Ekugcineni i. . . Ngahamba ngaligeza, futhi ezinye izingcezu

bazikhipha ogebhezini lwami, ngase ngibuka lezozincezu ezinkulu, zingene iyintshi nengxenye, noma amayintshi amabili esihlahleni.

46 Manje, iNkampani yaseWinchester ifakazela ukuthi isibhamu sabo sizomela amaphawundi angamakhulu angamashumi ayisithupha nesishiyagalolunye omfutho. Futhi lokhu, lokho bekungaba amathani amane. Ngakho-ke niyabo, kufanele ukuthi kwaba namathani ayisithupha noma ayisishiyagalombili aqhunyiswa phakathi kweyintshi elilodwa leso lami. Ukuthi, uma lokho bekungaqhumisa isibhamu, bekungavele nje, kalula, kube kuningi ka*ngako* kimi okusele phansi *lapho*. Ngakho kwakuyini-ke inkinga na? Indlela, labo ababhola isibhamu bashiya isikhala esiningi enhlokweni kuso, esikhundleni sokuthi isibhamu siqhume siye phambili, saqhuma sahlehla, ngakho lwa—lwangena ebusweni bami lasakaza lelobhawodi, elinesisindo esingangephawundi nengxenye, o, he, kwehla kwathi ngqu esibiyelweni senyamazane idiye ehlezi emva kwami kuConservation Club.

47 Futhi lapho ngicabanga ngakho, ngacabanga, "Nkulunkulu, ngijabule kakhulu ukuba lapha." Ngiqonda ukuthi uSathane wayezama ukungibulala lapho, kodwa angeke akwenze kuze kube yilapho uNkulunkulu esekulungele ukuba ngize eKhaya, khona-ke ngilungele ukuhamba ngalesosikhathi. Kukhona abanye abagulayo okufanele bakhulekelwe, noma okuthize okufanele kwenziwe.

48 Bese-ke ngicabanga ngaleyo ngcindezi, ngacabanga, "Uyazi, lokho kungikhumbuza okuthile." Kungahle kube kuhle, ukuthi ukukusho nje, imizuzwana embalwa. Kuyakhombisa ukuthi, ukube lesosibhamu besiqale siyi-Weatherby Magnum kwasekuqaleni, ngabe senziwa ukuthi simele lowomfutho, kodwa kwakungeyona i-Weatherby Magnum, kwakuyiWinchester ephendulelwe *ekubeni* yi-Weatherby Magnum, ngakho ayikwazanga ukumela umfutho. Futhi ngacabanga, "Lokho kuyinto eshaqisa kakhulu. Ngizothola indikimba ngalokho ngelinye ilanga."

49 Uma siqala nje ukuzenza sengathi singamaKristu, ngaphandle kokubuyela kuso kanye isisekelo sokuzalwa ngokusha, uzoqhuma ndawo ndawo ezansi emgwaqeni. Umfutho unzima kakhulu, awukwazi ukuwumela ngaphandle kokuthi wakhelwe yona, futhi awukwazi ukwakhelwa yona aze uNkulunkulu akubambe, futhi hhayi nje ukukupholisha, kodwa ikuqala kusukela ekuqaleni futhi ikulethe ku-*magnum* yangempela, umntwana wangempela kaNkulunkulu wakhiwe ukumela iZwi, wakhelwe ukumela ingcindezi, ingcindezi yosuku.

50 Abaningi kakhulu bayaqhuma. Amadoda azama ukuzenza abanye, futhi ngakho ayaqhuma ngokushesha noma kamuva.

UNkulunkulu usingenisile kulomhlaba futhi wasibeka eBandleni, nezinto ezehlukene, futhi sifanele sibe yilokho esiyikho. UNkulunkulu, ngokwazi kwaKhe ngaphambili, wabeka eBandleni, futhi ngijabula kakhulu ngalokho. Ingcindezi iyakhela, futhi ngokushesha noma kamuva kuzo—kuzovela kuwe.

51 Ebusuku obumbalwa obudlule umelusi wethu wayekade, esanda, wayengaguli, wayekhandlekile nje, wayehamba kanzima kakhulu. Ngaphandle kwazo zonke izingcingo zami, bamshayelela ucingo lwakhe kimi, ngase ngiphumela esibhedlela. Bangitshela inenekazi elithile lapho lali—lalizoba nokuhlinzwa kufishaniswe inazi ukuze kukhishwe ingxenye elimele ngokusa okulandelayo, futhi mhlasimbe lalizofela etafuleni, futhi laliyisoni. Umelusi akakwazanga ukufika kulo, ngakho bona . . . Ngalubamba ucingo lwakhe, ngaya ku . . .

52 Bathi useGumbini 321. Ngenyukela esitezi esiphezulu, futhi ngangifuna ukuba nomoya omuhle, ngoba kwakungaphambi nje kwamahora okuvakasha, ngangifuna ukukhuluma nalo lilodwa, futhi ngathi, "Nenekazi," umhlengikazi, "ungangitshela inenekazi elinegama elithile na?"

Wathi, "Angazi," bonke ngaphansi kwengcindezi.

Ngakho ngathi, "Bathi lalise 321."

Wathi, "Manje kungani ungayi ku 321 futhi yin- . . . buka?"

Ngathi, "Ngiyabonga, Memu."

Ngiyehla, 321, futhi ngathi, "Ingabe inenekazi okuthiwa uNkk. Knuckles lilapha na?"

"Akekho onalelo gama."

O, ngangikuzonda ukubuyela kulelonenekazi futhi, ngakho ngawela ihholo, ngase ngithi, "Ingabe ukhona uNkk. Knuckles lapha na?"

"Qha, akekho onegama elinguNkk. Knuckles."

Ngakho ngabuyela emuva, kwakukhona omunye umhlengikazi phezulu lapho ehholo, ngase ngithi kuye, "Ngitshelwe ukuthi ngiye ku 321, futhi inenekazi, uNkk. Knuckles lapha na?"

Wathi, "Kungenzeka ukuthi bekungu 221. Yehlela esitezi esingezansi."

Ngathi, "Yebo, Memu. Ngiyabonga."

53 Ngehlela esitezi esiphansi futhi kwakukhona udokotela omncane ehlezi phansi lapho, futhi akukho kaphawula, angiqondile kubi, kodwa wayecishe abe banzi njengoba wayephakeme, futhi ehlezi lapho, enye yalezozinwele ezigungwe zaba yisicaba phezulu, othi akabe ngangami, futhi epitshiza izipopolo ezifakwa endlebeni zakhe emunweni wakhe, ngathi, "Sawubona?" Wavele wabheka eceleni, ngacabanga, "A-o,

angifuni ukukhuluma naye, kunengcindezi eningi kakhulu lapha."

54 Ngakho ngehlela kumhlengikazi, futhi ngathi, "Nenekazi, ngididekile kancane." Ngathi, "Ngenyukele esitezi esiphezulu ukuze ngithola inenekazi, uNkk. Knuckles, obekufanele abe ku 321, uyela ukuyohlinzwa ekuseni ngenxa yomdlavuza, ukuba abe nokuhlinzwa kufishaniswe inanzi ukuze kushiywe ingxenye elimele." Ngathi, "Ungangitshela, ukulesositezi na? Umhlengikazi phezulu lapho uthe angase abe ku 322, e, 331 ezansi lapha."

Wathi, "Awu, manje-ke, hamba ubheke."

Ngathi, "Ngiyabonga."

55 Ngabuyela lapho. Qhabo, babengazi lutho ngakho. Ngakho ngase ngibuya ngiphuma, futhi lapho ngidlula, inenekazi ehholo lathi, "Dlula futhi ubuze lonesi nga*lapha*."

Ngakho ngaya ngale kuye, futhi wathi . . . Ngathi, "Sawubona?"

Wathi, "Sawubona?" Enomoya omuhle ngempela, ezothile.

56 Futhi ngathi, "Ngicela ungitshele uma kukhona inenekazi kulesisitezi na?" Ngathi, "Ngididekile kakhulu," ngi—ngathi, "ngiye esitezi esiphezulu nasesitezi esiphansi." Futhi ngathi, "Inenekazi okuthiwa nguNkk. Knuckles."

57 Wathi, "Umzuzwana nje, Mnumzane." Wakhumula imaski yakhe encane ayeyigqoke ebusweni bakhe, wayekade eyohlinza, wagijimela ngale wase ethatha incwadi, wayibuka, wathi, "O, yebo," wathi, "use 221."

Futhi ngathi, "Ngiyabonga kakhulu, Nenekazi."

Wathi, "Wamukelekile."

58 Ngacabanga, "Awu, akadunyiswe uNkulunkulu! Lokho ngukuthi . . . une . . . Yena u, uyaphuthuma ngisho, nokho u, okungenani unombumnene." Ngakho ngaphuma ngomnyango futhi ngabuyela emuva, futhi nansi emithathu . . . namaphiko onke enqunyiwe, futhi ngi—ngangingazi ukuthi ngihambe ngaphi. Ngase ngibheka, futhi angizange ngibone zimpawu, nakhu kufika lodokotela omncane ephethe isikhwama sakhe esigaxwayo, ephethe isipopola sasezindlebeni sakhe, ngathi, "Mnumzane, ungangitshela ukuthi ukuphi u 221 na?"

Wathi, "Nga*le*ndlela, nanga*leyo*ndlela."

Ngathi, "Ngiyabonga ngolwazi lwakho." Lokho . . .

59 O, wonke umuntu ungaphansi kwengcindezi. Kulungile. Asikho isikhathi, qha . . . mina . . . Wonke umuntu ubukeka sengathi uya ndawo ndawo, aphuthume alinde, umhlaba wonke ubukeka ukhungethwe yikho. Futhi odokotela abanalo ikhambi. Kunjalo. Kodwa ngijabula kakhulu, kulobubusuku, ukuthi phakathi kwakho konke ngiyazi ukuthi Omunye unekhambi,

Lowo nguNkulunkulu, Unekhambi, ukuthi uphuma kanjani ngaphansi kwalengcindezi.

60 Ngangikhuluma nodokotela ngakho, o, sekuphele unyaka noma ngaphezulu, wathi, "Mfowethu Branham," wathi, "uyazi, izikhungo zezinhlanya zigcwele ngokweqile." Wathi, "Odokotela bengqondo ba—bayahlukana, futhi banodokotela bengqondo belapha odokotela bengqondo."

Futhi ngathi, "O, he!"

Wathi, "Ngi—ngiyazibuza ukuthi liyini ikhambi."

Ngathi, "NginaLo."

Wathi, "Ini?"

Ngathi, "UJesu uyiMpendulo. UyiMpendulo yakho konke."

Futhi wathi, "Ngi—ngikholwa ukuthi uqinisile."

61 Lonyaka wokuguliswa yimizwa, akekho onomzuzu. Ngani, kwakuvame ukuthi siye ngale futhi sivakashele umakhelwane.

62 Abanye benu bodade, ngani, aninaso isikhathi sokukhuleka. Bengicabanga ngo—ngoJohn Wesley. UDadewethu Susanna Wesley wayenabantwana abayishumi nesikhombisa, futhi wayengenawo umshini wokuwasha nowokomisa ozihambelayo, futhi akavulanga umpompi wathola amanzi ashisayo, wawathwala esuka emthonjeni ngebhakede lomsedari elidala, kodwa nokho, wayengathola amahora amabili noma amathathu nsuku zonke ukuze athole labobafo abancane bazungeze futhi abafundise iBhayibheli. Futhi lapho kuvela uCharles noJohn abashintsha inkambo yezwe.

63 Manje, niyabo, si—siyahlanya kakhulu, siya ndawana thize nje, futhi singayi ndawo, sihlwathuzela nje.

64 Manje, eTestamenteni eLidala lapho umuntu enze into ethile engalungile, futhi, mhlawumbe ebulele umuntu, noma—noma wenza okuthile okungalungile, khona-ke lowo—lowo muntu ambulala, abangani bakhe babeyomzingela lomuntu baze bamthole futhi bambulale naye, ngoba iTestamente eLidala lalingukuthi, "izinyo ngezinyo, neso ngeso."

65 Kodwa uJoshuwa wakha izindawo ezithiwa, "indlu yesikhoselo." Futhi lezizindawo, kukhona enye yazo eRamoti-gileyadi, ngicabanga ukuthi kunezindawo ezine ukusuka kwaDani kuya eBesheba. Futhi kwakuyizindawo zokukhosela, lapho uma umuntu enze okubi futhi wayengafuni ukukwenza, wayengafika emasangweni omuzi wenye yalezizikhoselo futhi avume icala lakhe, futhi abatshele ukuthi wayengahlosile ukwenza lobububi, futhi-ke wayengangena kulomuzi futhi aphephe esitheni sakhe.

66 Awu, uma eqambe amanga futhi abamjahayo bamthole, babengamdonsa asuke e-altare ngqo, uma eqambe amanga. Kepha uma eneqiniso, futhi ubengafuni ukwenza okubi, ngani,

babekwazi, wayengaphepha inqobo nje uma esekulomuzi. Manje, leyo yindawo yokuphepha, indawo yokukhosela lapho umbulali, noma, lowo owayemxosha ukuze ambulale, wayephephile kuye, wayevikelekile, kodwa indoda kuqala kufanele ibe i—indoda eyenze ngephutha. Uma ekwenzile ngamabomu, ekuhlelile, lalingekho-ke ithemba kuloyomuntu, wayengenalo ngisho i—ithuba. Kodwa uma wayengahlosile ukukwenza . . .

67 Manje, ngithanda ukuma lapha umzuzu nje. Kunabantu namhlanje, futhi bangahle babe ngabanye babo lapha, ukuthi wenza okungalungile kodwa awuqondile ukukwenza. Ngahlangana namadoda ayeyosebenzisa iGama leNkosi ngeze, futhi ngihlangane nabesifazane bemi bephethe usikilidi esandleni sabo, bebhema nje, nabesilisa bethuka, futhi benyukele ebukhoneni babo kanjalo, futhi bayokubona ukuthi ungumKristu, bayothi, "Uxolo, Mnumzane, ngi—bengingaqondile ukusho lokho."

68 Ngibone abesifazane beshisa izandla zabo, cishe impela, benamahloni, bebambe lowosikolidi emva kwabo, indoda ephuzayo izophunyuka, izungeze ndawondawo, niyabo, bona, lolo wuhlobo okunethemba lalo. Kodwa kukhona abanye balabo abangahamba benyuke ngqo futhi bathuke nje, ebukhoneni bomKristu, ukuzenza ohlakaniphile, lowo muntu ungale kwethemba.

69 Lapho nishumayela ngokumelene nokuziphatha okubi, ubungcwele, nishumayela ukuthi abesifazane akufanele bagqoke izingubo zokungabi nasimilo, lezizingubo ezindadlana, izikhindi abazigqokayo, bazigqoka ukuze nje babe nokudelela, futhi lapho benza lokho, akukho ndawo yabo yokukhosela. Uma bekukhona, bebengeke baze bakufune ngisho, ngakho ngokushesha noma kamuva, bazobanjwa nakho.

70 Kepha kulabo abafuna indawo yokubalekela, awukwazi ukunethezeka lapho wenza okungalungile, ayikho indlela yokuzizwa unethezekile. Lapho umuntu ephula imithetho kaNkulunkulu, uyazi ukuthi unecala, futhi uyazi ukuthi izinja zasesihogweni isemva kwakho ngqo, futhi ngokushesha noma kamuva izono zakho zizokuthola.

71 Abanye benu bosomabhizinisi, uma kufanele niphumele lapha futhi nikhohlise umuntu ngamabomu, uyazi ukuthi wenze okungalungile, futhi ngokushesha noma kamuva lokho kuzokufica, kunjalo. Bayakukholwa lokho "O, awu, ngeke kulimaze," kodwa lapho uqala ukulala ebusuku, kukhona into ethile phansi kuwe ekutshelayo lapho ukhuleka, ime phambi kwakho ngqo. Uyazi ukuthi unephutha.

72 Manje, sonke sinezinto esingakwazi ukuhlangabezana nazo. Kwezinye izikhathi siba nezikweletu esingakwazi ukuhlangabezana nazo. Kwezinye izikhathi siba nezithembiso

esingeke sikwazi ukuhlangabezana nazo, futhi nginenqwaba yazo, kodwa kunento eyodwa engizizwa ngikahle ngayo, ebusuku, lapho ngenze konke engingakwenza, lapho ngivakashela wonke umuntu ogulayo ebengingakwazi, futhi nokho abaningi babo bayocabanga, "Ungumzenzisi, akakaze eze kimi, ingane yami *injalo* nje," futhi ngiyazi bazizwa ngaleyondlela, babophezelekile ukuzizwa ngaleyondlela, kodwa lapho sengisebenzise iyintshi lami lokugcina lamandla, lapho sengenze konke engingakwenza, futhi ngiguqa phambi kukaBaba ebusuku futhi ngithi, "Nkulunkulu, kukhona abantu abayikhulu lapha edolobheni, kulobubusuku, abangibizayo ukuba ngize kubo, kodwa angikwazi nje ukuqhubekela phambili, Uyawazi amandla ami," khona-ke ngiyazizwela uma Ufanele ukungibiza, bese ngibeka ikhanda lami phezu kwalowomcamelo, ukuba ngifele kulowomcamelo ngalobobusuku, ngisesikhoselweni, ngenze konke okusemandleni ami ngeNkosi yami. Futhi uma singenza lokho, khona-ke uNkulunkulu usenzela indlela.

73 Manje, lendoda iza kulendawo yokukhosela, manje, lapho ingena lapho, kuqala ifanele ifune ukungena, kufanele ilangazelele ukubalekela ulaka oluyicindezelayo, kufanele ifune ukukwenza.

74 Manje, angisho lokhu ngokugxeka, futhi uNkulunkulu uyakwazi lokho, kungamamayela ayisigidi ukusuka kukho, kodwa ngike ngaba semihlanganweni lapho abashumayeli bebeyoshumayela khona, bese ethi, "Abanye benu buyelani ezansi esikhaleni esiphakathi nezihlalo, tholani abangani benu, bese nibakhuphulela lapha." Manje, ngi—ngangihlale ngimanqikanqika kulokho. Ngiyakholwa uma i—iZwi lingalahli ngecala! Futhi uma Likwenza, uMoya oNgcwele uzohola. Kunozwelo kakhulu. Umuntu oza kuKristu kufanele eze eswangulukile, ngenhlonipho, phezu kwesisekelo sikaMoya oNgcwele umlahla ngecala, futhi—futhi embonisa ukuthi kukhona Owafa ukuze amsindise, eza eswangulukile phezu kwesisekelo seZwi, ekholwa, emukela uKristu, obambele impilo yakhe.

75 Manje, ngiyakholwa ukuthi indoda iza kuKristu, noKristu uyiSikhoselo sethu, manje, Leso yiSikhoselo seTestamente eLisha, nguKristu, manje, indoda eza kulesi Sikhoselo kufanele ifune ukuza, futhi ifanele ikhumbule enye into, izofanele ihlale lapho. O, he, angeke ivele igijime kuze kube abayijahayo bayaphumelela, bese iphuma futhi, ifanele yeneliseke.

76 Futhi ngikholwa ukuthi uma umuntu, nengqondo yakhe ekahle, engabona ukuthi ukufa kwakugabavula emva kwakhe, nesihogo sikadeveli uya kuso, futhi angathola indawo yeSikhoselo, bese-ke efuna ukuphuma futhi, kukhona okungalungile ngalowomuntu. Inqobo nje eseSikhoselweni, uphephile, futhi uma eke ephinde aphume, uyisisulu sababulali

bakhe. Futhi kuKristu sineSikhoselo futhi sivikelekile, ukuthi sibe nokuphepha olakeni lukaNkulunkulu, nasolakeni lwesihogo oluza phezu kwethu.

77 Manje, lendawo yokukhosela, lendoda ifanele ifune ukuhlala, kuyafana nanamhlanje, sifanele sifune ukuhlala. Ake ngisho lokhu: Bengingemuva kwepulpiti manje, maduze nje kuzoba iminyaka engamashumi amathathu nambili, ngaqala ukushumayela ngisengumfanyana nje, futhi lokhu ngikusho ngokusuka ezinjulweni zenhliziyo yami, angikaze ngibone nakanye ukuthi ngake ngafuna ukusuka kuleNdawo ekhazimulayo. "Ngiphephile etendeni likaNkulunkulu, ngijabule othandweni nomusa waKhe," njengoba umlobi esho, ukuthi "Ngihlala ohlangothini lukahaleluya." Ngijabule kakhulu ukuba lapha.

> Hhayi kuzo zonke izigidi zegolide zomhlaba
> Ngiyoshiya lendawo ebusisekile (Qha.),
> Nakuba umlingi ezame ukungincenga njalo njalo,
> Kepha ngiphephile etendeni likaNkulunkulu,
> Ngijabule othandweni nomusa waKhe.

78 O, indawo enethezekile kakhulu ongaba kuyo! Ngiyazi ukuthi ngiphephile esitheni sami inqobo nje . . .

79 Manje, ngenkathi lendoda, igijima, isitha emva kwayo, masinyane sizoyibamba siyihlahlele ibe yizicucu ngenxa yesono eyasenzayo, kodwa lapho iphakathi lapho, ingadedela ingcindezi, iphephile. Umlindi wesango uzoyibamba, ababulali bayo, bengakangeni, ngokuba ilondekile embhoshongweni wokukhosela. Manje, khona-ke uma iphakathi lapho ibingazizwa kanjani iphephile futhi yadedela ingcindezi! "Whewu, he! Bebekulungele ukungithola, kodwa ngiphephile wonke manje." Yeka indawo yokuthola isikhoselo, indawo yokuphepha! Ngaphandle ibiyofa, phakathi lapho ikahle.

80 Ngakho uNkulunkulu wasenzela uMbhoshongo wesikhoselo. Manje, iBhayibheli lasho ukuthi, "IGama leNkosi linguMbhoshongo onamandla, abalungileyo babalekela kuWo, futhi baphephile." Hhayi, "bayozingelwa futhi," kodwa, "baphephile." O, ngiyakuthanda lokho nje! Indawo yokuphepha ehlinzekwe nguNkulunkulu. Amen. Isitha ngeke sikubambe, ngoba uphephile kuKristu.

81 Njengoba bengihlale ngisho kaningi ngesinye isikhathi ngale emazweni asempumalanga, ngangigibele i-jiphi nomngane ongumfundisi, futhi sasikhuphuka phezu kwentaba, futhi kwakukhona izimvu laphaya, nezimbongolo, nakho konke, ziklabile, futhi kwakukhona indoda eyayizibhekile, futhi ngathi, "Ungambiza ngani—ngani lowomfo na?"

Wathi, "Mfowethu Branham, ungumalusi wezimvu."

Futhi ngathi, "Awu, ngacabanga umalusi wezimvu wayelusa izimvu nje."

"O," wathi, "Qha, umalusi wezimvu welusa izimvu, izimbuzi, izinkomo, izimbongolo, amakamela, noma yini enye."

Futhi ngathi, "Awu, bengingakwazi lokho."

82 Wathi, "Kodwa nansi into ethile engifuna uyazi, Mfowethu Branham," wathi, "lapho ilanga liqala ukushona, umalusi wezimvu uyaphuma phakathi kwazo zonke i—izilwane, futhi uyazingela aze athole imvu yokugcina, futhi ayingenise esibayeni, futhi uzifaka esibayeni ebusuku, kodwa okunye kusala ngaphandle, nakuba ekwalusa konke."

83 Kwase kufika umcabango-ke kimi, "O Nkulunkulu, mangingabi njengembongolo, ngivumele ngibe yimvu, ukuthi lapho ilangabi lami lifiphala, nelanga lokuphila kwami lishona, ungingenise ngiphephile esibayeni lapho amehlo ami evaleka. Angifuni ukusala ngaphandle lapho nje *obizwa* ngomKristu nje, ngifuna ukuba i—imvu yangempela. Ngifuna . . . "

84 Bonke badla emadlelweni afanayo, njengoba nje iBhayibheli lisho, "Imvula inela kwabalungile nabangalungile." Abantu bahlezi ndawonye, izixuku zabantu, abanye babo *banjalo*, futhi abanye babo *abanjalo*. Bonke bawela phezu koMoya ofanayo, uMoya uzobusisa isixuku esifanayo. Lizona, imvula izona phezu kukagudluthukela futhi izovele iqonde futhi ijabule, yona kanye imvula ena phezu kukakolo futhi iwenze, kodwa, "Baziwa ngezithelo zabo." AmaKristu athela ukuphila komKristu.

85 Qaphelani, manje, Indawo KaNkulunkulu Yokuphepha, Indawo KaNkulunkulu Yokuphepha, futhi ngenkathi siphakathi lapha, kulesi Sikhoselo, sine—ilungelo lamandla kaNkulunkulu okuphulukisa. Uma uNkulunkulu ezothethelela isitha saKhe futhi asingenise eSikhoselweni, Uyomnakekela kakhulu kangakanani ngemva kokuba Esemfake lapho na? Niyabo? Kukhona amandla okuphulukisa, ngakho lapho amaKristu egula, asikho isidingo sokufuthelana kakhulu ngakho, khumbula nje, "Ngemivimbo yaKhe siphulukisiwe." Leso yisithembiso, Wasethembisa, ngakho Angeke nje asihlehlise.

86 Yindawo yeSikhoselo ngokugula kwethu, ngezinkathazo zethu, "Phonsani zonke izinkathazo zenu phezu kwaKhe, ngokuba Yena uyanikhathalela." YiSikhoselo, thembela eZwini laKhe, izithembiso zaKhe. Zonke izithembiso Azenza zingezakho inqobo nje uma useMbusweni waKhe. Inqobo nje lapho uza kuYe ukuze uthole isikhoselo, khona-ke unelungelo laso sonke isithembiso Asenza. Wonke umKristu ophakathi lapha, noma ngabe yikuphi, unelungelo kunoma yini uKristu ayifela, futhi lapho ukuKristu unqoba yonke into, konke kungokwakho. Kunjalo impela.

87 Bukani owesifazane waseShunemi, ngenkathi waye . . . ingane encane yayishonile. O, sengiyambona lowomfo omncane,

amnikwa yiNkosi, ngani, ngenkathi umprofethi ekhuluma... Futhi umfana omncane, cishe oneminyaka eyishumi nambili ubudala, wayenobabayi wakhe ngolunye usuku ensimini yokuvuna, mhlawumbe waba nokuguliswa yilanga, wakhala, "Ikhanda lami." Wathi efika nje ubaba endlini, kwaqhuma isililo, nokunye nokunye, ingane encane yayisifile, umfana omncane, wayemlalise embhedeni ka-Eliya.

Futhi wathi, "Bopha umnyuzi. Ngikhuphukela emhumeni lapho umprofethi ekhona."

Nomyeni wakhe wathi, "Akusikhona ukwethwasa kwenyanga, noma isabatha, ngeke abe khona."

Wathi, "Konke kuzohamba kahle."

88 Ngakho-ke ngenkathi uGehazi embona eza, futhi u-Eliya wema emnyango womhume wakhe, walunguza, wathi, "Nakhu kuza lowomShunemi, futhi ukhwele uyashesha, kufanele kube khona okungalungile." Futhi wathi, "Hamba uyombuza."

Yena—yena wathi, "Ingabe konke kuhamba kahle ngawe na? Ingabe konke kuhamba kahle ngomyeni wakho na? Ingabe konke kuhamba kahle ngengane na?"

Wathi, "Konke kuhamba kahle. Konke kukahle."

89 Ngani na? Wayengadedela ingcindezi, wayeze kummeleli kaNkulunkulu, weza eZwini eliphilayo, "IZwi leNkosi lafika kubaprofethi." Kwathi lapho esephambi kwalendoda, eyathola umusa owanele noNkulunkulu ukuba imtshele ukuthi uyakuba nengane, wayephambi kwendoda efanayo eyayineZwi likaNkulunkulu elaliyiqiniso. Haleluya!

90 Ngijabula kakhulu, kulobubusuku, ukuba seBukhoneni bukaNkulunkulu ofanayo owangisindisa empilweni yesono, futhi wethembisa ukuthi Uyongivusa ngezinsuku zokugcina, Uyophulukisa ukugula kwami, Uyonginakekela lapho ngangilapha, ingcindezi iphelile, khohlwa ingcindezi.

91 Wenyuka, wawela phansi ngaku-Eliya futhi wathi, "Konke kuhamba kahle." Impela, wafika eZwini, wangena eBukhoneni bukaNkulunkulu, ingcindezi yamuka. Konke kuhamba kahle manje, ingcindezi iphelile, ngoba wayesefinyelele kummeleli kaNkulunkulu.

92 Futhi uMmeleli kaNkulunkulu emhlabeni namuhla uMoya oNgcwele. Futhi lapho useBukhoneni baKhe, uMbone ekubusisa, ungayakhela kanjani ingcindezi enjalo yokuzonda umakhelwane wakho na? Ungawakhela kanjani umehluko wehlelo enhliziyweni yakho na? Ithi, "Uma babengesuye owePentecostal, uma ubengowe Oneness, noma ukuba wayengoweThreeness, ukuba waye, wayengowe-Assemblies, ukuba wayengoweChurch of God, bengingahlanganyela naye." Ungakwenza kanjani eBukhoneni bukaNkulunkulu uSomandla na? Ungehlela kanjani uMoya oNgcwele phezu kwenhlangano

yebandla, bese wenza umehluko wamahlelo na? Ungakwenza kanjani na? Dedela ingcindezi.

93 Inkathazo, sakhela ingcindezi yethu, ngoba sinomqondo wehlelo kakhulu. O, iMelika ibolile ngakho, ihlelo, idweba uthango, izivumokholo. Yini oyikhathalelayo ngalezo zivumokholo nothango na? Ngena eBukhoneni bukaNkulunkulu, ngena eBukhoneni bukaMoya oNgcwele, dedela ingcindezi-ke.

94 Leyo yinto eyodwa enhle engiyithandayo ngalemihlangano yenhlanganyelo yeBusiness Men, ubonakala nje wehlisa ukhololo wakho, udedele ingcindezi, ungabi namahloni ngakho. Ngime nabo emahhotela aphambili kunawo onke, nasezindaweni ezinkulu kunazo zonke, futhi ake uMoya oNgcwele ufike kwiPresbyterian, iBaptisti, iMethodisti, bonke baxhawulane futhi badazuluke futhi bamemeze futhi badumise uNkulunkulu. Ngani na? Badedela ingcindezi, yilokho okuyinkinga, abanandaba ukuthi noma ubani uzothini, baseBukhoneni bukaNkulunkulu, bededela ingcindezi. Yeka indawo enhle kakhulu yokukwenza! Inqwaba yendawo yokugijima, phuma lapha, vele usuke, yilokho kuphela, dedela ingcindezi. Kuhle ukwenza lokho, uma ungenjalo, ungahle uqhume, uqhumise ivalvu ndawana thize. Kulungile.

95 Manje, manje sizokhumbula: Thembela eZwini laKhe. Manje, ngisho, u—uthi, "NgingaMethemba lapho ngigula na?" Impela. Bukani uMariya, noma, uMarta kwakunguye, ngenkathi umnewabo wayefile futhi wathumela kuJesu, futhi esikhundleni sokuza, Wahamba. Waphinda wathumela, futhi Waya phambili. Lokho ngukuthi, ingcindezi eyakhelwe. Manje, esikhundleni sami . . .

96 "NgiMcelile namuhla, futhi Waya kude le, ngaphinda ngaMcela futhi Uqhubekela phambili futhi." Kodwa emva kwesikhashana, emva kokuba esembelile, futhi wezwa ukuthi uJesu uyeza, waya wangena eBukhoneni baKhe, wawa phansi ezinyaweni zaKhe, hhayi ukuMthethisa, uma usondela esiphweni sikaNkulunkulu kanjalo, awutholi lutho, ufanele uze ngenhlonipho, nezinhlonipho.

97 Uma ufika nje ukuba uthi, "Ngizohamba ngikuzame," ungakwenzi lokho, ngeke uthole lutho. Uza ngenhlonipho, uzinikele ngokugcwele, njengomuntu ongena esangweni lesikhoselo, uyazi ukuthi ngeyakhe, ukuphela kwendawo okufanele aye kuyo. Ufanele uze ukholwa.

98 "O, ngizokwehlela e-altare futhi ngibone ukuthi ngingakwazi yini ukukhuluma ngezilimi. Ngizokwehla ngibone ukuthi ngingamemeza yini." O, mfowethu, usungavele uhlale esihlalweni sakho, awuzukuthola lutho, qhabo. Kepha lapho ufika wazi ukuthi ukuphela kwendawo yakho yesikhoselo . . .

99 Uma usemhlanganweni, futhi ucindezela, "Angizange ngilithole ikhadi lomkhuleko," ngibabonile abantu benza lokho, ingcindezi iyakhela, bakugeja ngokuphelele. Ngibabonile bema emhlanganweni emgqeni womkhuleko, benyukela phakathi e, lapho futhi bathi, "Awu, uma ngi. . ." bheka, u—u—uya wor-. . .ulwa nawe, ungakwenzi lokho. Woza nje ngesibindi, ngenhlonipho, woza eBukhoneni bukaNkulunkulu, ngokwazi ukuthi uNkulunkulu wenze isithembiso futhi lokho kuyakuxazulula.

100 UMarta wasukuma, wathi, "Nkosi, ukuba Ubulapha. . ." hhayi, "Kungani Ungezanga na?" Kodwa "Ukuba Ubulapha, umnewethu ubengeke, wafa. Nakalokhu, Nkosi, noma yini Oyicela kuNkulunkulu, uNkulunkulu uzoKunika khona." Wadedela ingcindezi. Nakuba amehlo akhe ayegcwele izinyembezi, nakuba umzimba wakhe obuthakathaka wawukhandlekile, kodwa wayekwazi ukusho lokhu: "Ukube Ubukhona, nga umnewethu engafanga. Nakalokhu, noma yini Oyicela kuNkulunkulu, uNkulunkulu uzoKunika yona." Ngiyakuthanda lokho. Yebo, mnumzane. Futhi wakuthola ayekuzele.

101 Ngani na? Wenyukela eBukhoneni baKhe, engafuthelene wonke, "Kungani Ungezanga ngenkathi siKubiza na? Salishiya ibandla, salishiya ihlelo lethu, saphuma ukuba sihambe naWe, futhi sasicabanga ukuthi Uyoba nguMkhululi, sikubonile Uphulukisa abagulayo, nomngane waKho uQobo, Umyeka afe, nami ngithumela kuWe!" Lokho bekungaba inguquko yePentecostal yesimanje. Qha, qha, hhayi uMarta, qha, mnumzane, wathi, "Nkosi," Yilokho Ayeyikho, iNkosi yakhe, "ukuba Ubulapha, umnewethu nga engafanga. Nakalokhu, noma yini Oyicela kuNkulunkulu, uNkulunkulu uzoKunika yona."

"O," Wathi, "umnewenu uzakuvuka."

Wathi—wathi, "Ngiyazi, Nkosi, yena uyakuvuka ngezinsuku zokugcina."

102 Wathi, "NgingukuVuka, nokuPhila, okholwa yiMi, noma efile, nokho uyakuphila." Wayefuna ukubona ukuthi ingakanani ingcindezi Ayengayibuyisela kuye, kodwa akazange ayithole.

103 "Ya, Nkosi, ngiyakholwa ukuthi Wena uyiNdodana kaNkulunkulu, efikile emhlabeni." Ingcindezi yayisiphelile. Ngani na? Wayesesitholile iSikhoselo, wayeseyitholile iNdawo yokucasha, ngisho namaphakathi kokufa, wasithola iSikhoselo.

104 Manje, kukhona isikhoselo ngesikhathi sokufa. Uyakukholwa lokho na? Ake sibheke ezansi eGibhithe ngobusuku bePhasika. Kwakukhona ezansi eGibhithe, kulezizigqila, futhi kwaba khona isikhathi lapho uNkulunkulu wakhathala wadinwa indlela abantu ababephatha ngayo abantu baKhe. Futhi ngakho Wenzani na? Wayedinga u—ukubuyisana

ukuvikela abantu baKhe. Uhlala enza indlela yokuvikela abantu baKhe, uma nje abantu bezokwamukela.

105 Futhi manje ake sithathe udaba nje ezansi eGibhithe: Kusebusuku, futhi ngiyaqaphela, futhi nakhu kufika, ubusuku bufika, abukaze bube khona ubusuku obunjalo selokhu baba sezansi lapho. O, kwakuwubusuku obubi kabi! Yonke into yayimnyama su, inyanga yayingakhanyi, izinkanyezi azizange ziphume. O, ubusuku obubi kangaka pho! Konke kwakuyethile.

106 Futhi umfana omncane uya efasiteleni futhi ubuka ngaphandle, wathi, "Babayi, uyamazi umfana omncane ongumGibhithe engangidlala naye, ezansi ngomgwaqo na? Bheka, kunamaphiko amabili amakhulu, amnyama alenga phezu kwekhaya lakhe. Nangu umama wakhe emgwaqeni, uyamemeza, 'Ingane yami ifile, izibulo lami!'"

Khona-ke ubamba ubabayi wakhe futhi uthi, "Babayi, awunandaba ngami na? Awazi ukuthi ngiyizibulo lakho na?"

107 Ngiyambona lowobaba, ezothile nje, ebamba umfanyana wakhe ngesandla, futhi eya ngale emnyango, futhi athi, "Ndodana, uyalibona lelogazi ekhothamo na? Uyakubona lokho ensikeni yomnyango na? Uyabo?"

"Awu, Babayi, kuhlangene ngani lokho nakho na?"

108 "Ndodana, leso isithembiso sikaNkulunkulu, vele udedele ingcindezi manje, 'Lapho,' Wathi, 'Lapho ngibona igazi Ngizodlula phezu kwakho. Lapho ngibona lelogazi Ngi . . .' Leso isithembiso sikaNkulunkulu, ngakho lezozimpiko ngeke zize."

109 Umfana omncane uya efasiteleni futhi wabheka futhi, wathi, "Babayi, nangu eza!" Uyise wayematasa nje kokunye okuthile. INgelosi yehla ibheke ngasemnyango, kodwa ngenkathi ibona igazi, Yeqa, niyabo. Kungani kunjalo na? Ededela ingcindezi, uNkulunkulu wakwethembisa, futhi kungesithembiso sikaNkulunkulu, Uhlala egcina isithembiso saKhe. Kunjalo.

110 Ufuna ukusithathela into encane. Niqaphelile na? Siseseku-Israyeli, ngenkathi besezansi eGibhithe babeyizigqila, babengakaze, bengakaze, bengakaze balibone izwe lesethembiso, akekho kubo owayekade ephezulu lapho, babengazi lutho ngalo, kuphela lokho ababekuzwile. UNkulunkulu wathembisa ukuthi Wayezobayisa e—izwe lesethembiso, lapho lalichichima ubisi nezinyosi. Lokho kwakuyinto enkulu esigejaneni sezigqila ezazishaywa, nesinkwa sabo esikhuntile siphonswa kubo, no—nokubhaxabulwa nsuku zonke; kwakuyinto embi kabi leyo.

111 Manje lalelani, maKristu, bukani lomfanekiso lapha: Manje, kwase kuthi lapho bezwa ukuthi kwakukhona i—izwe lesithembiso, lalichichima ubisi nezinyosi, lapho babengahlala

khona ekhaya labo uqobo, babengeke badingeke babe nokwesaba, indawo yokukhosela, lapho babengatshala khona izingadi zabo, babe nabantwana babo, futhi baphephe, khona manjalo ezansi ehlane kufika umprofethi neNsika yoMlilo imlandela, noma, yena elandela iNsika yoMlilo, futhi baqala uhambo lwabo lokuya ezweni lesethembiso.

112 Lapho besukuma baze bafika eKadeshi-barineya, kwenzekani enhla lapho na? UJoshuwa, kwakukhona oyedwa kanye nabo, iqhawe elikhulu elithiwa nguJoshuwa, okusho ukuthi, "UJehova-Msindisi," wawelela ezweni lesethembiso futhi wabuya nobufakazi.

113 Manje, khumbulani, babengazi noma lelozwe lalikhona noma qha, bahamba kuphela ngokukholwa baya kulelozwe lesethembiso. Babengazi ukuthi lalikuphi, iNsika yoMlilo yabaholela kulo, lomprofethi ehamba, ebuka leNsika yoMlilo, futhi baYilandela baze bafika ezweni lesethembiso, noJoshuwa wawela iJordani, wawelela ezweni lesethembiso, futhi wabuyisa ubufakazi bokuthi izwe laliyilo impela nje uNkulunkulu ayebathembise lona. Futhi abantu banambitha amagilebhisi, isixha samagilebhisi esathatha amadoda amabili ukuba awathwale.

114 Kwakungokwesithembiso sikaNkulunkulu impela, babenakho, izwe lalingaphesheya kweJordani nje. Ngani, impela, babengakaze balibone, bazi ukuthi kwakungakaze kube namuntu ngaleya, kodwa uNkulunkulu wenza isithembiso, futhi uNkulunkulu njalo uyasigcina isithembiso saKhe, lokho kwakuwukukhipha amadoda ebugqilini awayise lapho ayengaba nomuzi wakhe khona.

115 Kwase kulandela elinye iQhawe elikhulu ngoluny'usuku, iGama laKhe kwakunguJesu. Wafundisa ukuthi kwakukhona i, "Ekhaya likaBaba waMi kunezindlu eziningi," Wafundisa ukuthi kwakukhona ukuPhila emva kokufa komuntu lapha, ukuthi angaphila futhi, Wafundisa ukuthi kwakukhona ukuvuka kwabafileyo, futhi ngelinye ilanga Uyofika futhi ahlulele umhlaba wonke.

116 Futhi ngolunye usuku Wehlela eJordani lokufa, wawela iJordani, wabuya ngosuku lwesithathu eletha ubufakazi bokuthi kukhona ukuvuka kwabafileyo. Haleluya! Wema wadla izinhlanzi nesinkwa, Wayenabo izinsuku ezingamashumi amane, eZibonakalisa ephila, wathi, "Ngiphathe, aNgisiwo umoya, Ngingumuntu, inyama namathambo."

117 Wayeyini Yena na? UJoshuwa wesikhathi sethu owele umfula wokufa futhi wabuya nobufakazi. Hhayi lokho kuphela, kodwa Washo ukuthi, "Yilowo nalowo okholwa yiMi kasoze afa." Futhi babeyalwe ukuba benyuke futhi balinde, futhi Wayezobathumelela isiBambiso sensindiso yabo. Wathi . . .

118 Uyazibuza ukuthi siyini isibambiso na? Ngithenga ipulazi lakho ngezinkulungwane eziyishumi zamadola, ngikunika inkulungwane eyodwa ukuthi uyibambe. Kuyisithembiso sokuthi uzongibambela lona, leyo yimali yokubambisa. Awu, Wathi, "Ngizokufakazela kini, ukuthi nizoba nesiBambiso sensindiso yenu, kodwa lindani phezulu lapho emzini waseJerusalema, nize nembathiswe aMandla avela Phezulu."

119 Ngelinye ilanga mina, ngokwami, phansi esonweni, ngingenandawo engingaya kuyo, kwenzekani na? Njengoba Kwenza ngaleyonkathi ngoSuku lwePhentekoste, uNkulunkulu wathumela wabuyisela uMoya oNgcwele phezu kwabafundi abalindile, futhi sebenzile bagcwaliswa ngoMoya oNgcwele futhi bavuka ekufeni. Kuyini ukufa na? Isono, izono. "Inkokhelo yesono ingukufa." Kuyini ukufa na? Ukungakholwa, "Ongakholwayo uselahliwe kakade."

120 Abantu abaningi kakhulu, namuhla, bazibiza ngamaKristu. Bafuna ukukholwa isivumokholo esithize sebandla elithize, ubatshela iZwi likaNkulunkulu, bahleka ebusweni bakho, leso yisono. Ngoba Alivumelani nesivumokholo sabo, ngeke bazihlanganise ngalutho naLo, nawe nje, usungenza noma yini enye. IZwi likaNkulunkulu limi liyiqiniso. Kunjalo. Futhi lapho be—ngenkathi behla besuka lapho, bazi ukuthi babenobuFakazi bokuvuka.

121 Manje, namuhla, leso yisikhoselo esinaso. Buka ukuthi kwenzekani: Lakho si, qonda ukuthi WayenguKufa kwethu Okubambele, lapho siqonda ukuthi akukhona ukulunga kwethu kodwa okwaKhe, futhi lapho siMamukela njengoMsindisi womuntu siqu, khona-ke siya ethuneni kanye naYe embhaphathizweni, futhi sifa naYe, uma ungenjalo, awufanele umbelwe, ngakho lapho ufile ku . . . futhi uvume izono zakho, futhi uzibize ngesoni, futhi ucele umusa, futhi umbelwe kanye noKristu embhaphathizweni, nathi sivuswe kanye naYe ekuvukeni.

122 Futhi manje uvusiwe esonweni (Haleluya! Manje, ngizizwa nginokukholwa, Mfowethu.), uvusiwe kwabafileyo ngomfanekiso wokuvuka kwaKhe, sivusiwe ekuphileni kwesono, futhi sihlezi naYe ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu, sigcwaliswe ngoMoya oNgcwele, noBufakazi bokuPhila okuPhakade ukuthi sesivele sivusiwe kwabafileyo, imiphefumulo yethu iyaphila kulobubusuku, kanye noKristu, ngoba isono singaphansi kwethu futhi sivukile lapho, okuyisibambiso sokuvuka kwethu. Amen.

123 Wazi kanjani ukuthi usudlulile ekufeni wangena ekuPhileni na? Ume kuphi na? Ngokuba savuswa esonweni, sembelwa kanye naYe embhaphathizweni, savuka kanye naYe ekuvukeni, futhi manje imiphefumulo yethu inaYe futhi Yena unathi. Sizwile uBukhona baKhe, sibona imisebenzi yaKhe, siyaMbona

enza izinto ezifanayo Azenza ngenkathi Elapha emhlabeni, esebenza ngeBandla: ephulukisa abagulayo, azi imicabango esezinhliziyweni zabo, ukubona okufihlakeleyo, amandla, ukuvusa abafileyo, enza zona impela izinto Azenza.

124 Bese-ke udedela isitimu, Mfowethu, akukho lutho okumelwe ukhathazeke ngakho, sesivele sivukile naYe kuKristu Jesu. Sihlezi ezindaweni zaseZulwini manje, hhayi “sizoba,” sikhona, khona manje, sivuswe kanye naYe, sihlezi ezindaweni zaseZulwini sinesiBambiso sensindiso yethu yaPhakade. Whewu! Kunjalo. Amen. Dedela isitimu! Thumela amabhomu e-athomu, noma yini ofuna ukuyenza, sivuke kanye naYe. Amen.

125 Simayelana nani isitimu na? Niqophisana ngani, nigijima nisuka ehlelweni niye ehlelweni na? Dedela isitimu, woza kuKristu. Thola uMoya kaNkulunkulu ngaphakathi kuwe, ubheka emuva futhi ubone lapho uvela khona, bheka ezansi lapho ezweni, ubungeke uhambe kulokho futhi. Qha. Ngani na? Uvuswe kanye naYe, uyisidalwa esisha, uhlezi ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu. Dedela isitimu.

126 UJoshuwa wawela futhi wabuya nobufakazi kubo. Benzani na? Bakhonona, bangakukholwa. Futhi linjalo nezwe lezenkolo namuhla, abakholwa ukuthi uJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade, bayakwesaba, besaba uMoya oNgcwele, Lobo yibo *impela* ubufakazi bokuvuka kwethu, ukuthi sinokuPhila okuPhakade.

127 Bheka lapha enye into engingahle ngibethele lokhu ngayo: U-Eliya no-Elisha babehlezi bewumfanekiso kaKristu, futhi iBandla linesabelo esiphindwe kabili. “Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza, emikhulu kunale niyaku. . .Ngiya kuBaba waMi. Lapho Ngiya kuBaba waMi, okukhulu, noma, okungaphezulu kwakho, niyakukwenza.”

128 Lapho u-Eliya ebiza u-Elisha, lapho uNkulunkulu ekhuluma naye emhumeni ngePhimbo elincane elihashazayo, wathatha ingubo yakhe ende wehla futhi wabona lomprofethi osemncane edabula insimu ngenkabi, wayekwazi ukulima umugqa oqondile, ngakho wathatha ingubo yakhe ende wayiphonsa phezu kwakhe. Kumele ukuthi wayibuyisela emuva. Wabhaphathizwa, niyabo, ngomoya owawuku-Eliya, wayenesabelo esisodwa: wayebizelwe ukuba ngumprofethi. Khona-ke lapho eya eJordani naye, futhi wawela iJordani nesabelo esisodwa, lapho ebuya wayenezabelo ezimbili. Udumo kuNkulunkulu!

129 Lapho uMoya oNgcwele ufika phezu kwethu namuhla, uthola ingxenye eyodwa, lapho siwela iJordani lokufa futhi sibuyela ekuvukeni, sinakho kokubili umzimba womoya nomzimba wenyama ovuswe kanye naYe.

130 Ngethemba ukuthi anginivali izindlebe. O, kodwa mfowethu, uyakubona engikuchazayo na? Sesivukile. Si . . . [Isiprofetho siyanikezwa—Umhl.] Haleluya. Sivuka naYe, sihlezi manje.

131 Ubukuphi na? Mangaki amaKristu phakathi lapha na? Phakamisa isandla sakho. NjengamaKristu, ingabe nibheka emuva, nibone lapho enivele khona kuqala na? Lokho kukhombisa ukuthi wawukade ufile kanye. Ubungeke uze emhlanganweni ofana nalona, ubungeke ube—ubungeke uhlale esakhiweni esishisayo kanje, ubungeke uyisebenzise imali yakho, unqamule izwe, ubungaya ebha eshibhile noma okuthile. Ngani na? Wawufile, kwakuyimvelo yakho, wawuyisoni ngokuzalwa.

132 Kodwa uKristu wabuya futhi wathi, "Angiyikunishiya niyizintandane. Ngizoninika isiBambiso sakho, Ngizothumela uMoya oNgcwele phezu kwenu," o, he, nakho lapho okhona, okuyisiBambiso.

133 Futhi, namuhla, sizithola sinezwe ngaphansi kwezinyawo zethu. Abantu bacabanga ukuthi siyahlanya. Awazi ukuthi yonke into ingeyethu na? Ungakuthenga kanjani ukuthula ngemali, uthenge uthando ngemali na? Yilokho izizwe ezizama ukukwenza. Injabulo ngemali, "Yehlela esitolo semithi futhi ungitholele injabulo ebiza ikota, yebo, mnumzane, ngingayisebenzisa."

134 Awukwazi ukukwenza. Ngani na? Kuyisipho sikaNkulunkulu, sivela kuNkulunkulu, futhi kumahhala kubantwana baKhe abaseSikhoselweni sikaKristu kulabo abavuke naYe ezindaweni zaseZulwini. Njengamanje, sihlezi naYe, kuYe. "IGama leNkosi linguMbhoshongo onamandla, olungileyo ugijimela kuWo, futhi uvikelekile." Yeka inhlanganyelo okufanele ube kuYo! Udumo!

135 NgiyiPentecostal-Baptisti. Yebo, umBaptisti onesehlakalo sePentecostal. Ngani na? Ngingakwazi . . . Ngibemukele lobo buFakazi, ngiyemukele iNkosi yami. Ngiyabona lapho engake ngabheka khona eBhayibhelini lapha, futhi Lasho izinto ezehlukene, ngathi, "O, awu, ibandla lithi, 'Awu, lokho kwakungolunye usuku. "Hambani niye ezweni lonke, nishumayele iVangeli. Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Lokho kungukuhumusha okungalungile,'" nazo zonke lezi ezinye izinto. Kukhona okungalungile ngakho, futhi kungibize ngaba ngongakholwa kukho.

136 Kodwa ngolunye usuku, haleluya, ngafa kuleyonto futhi ngaphila kuYe ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele, futhi, kulobubusuku, ngivuselwe kuYe, ngiphakanyiswe ngaphezu kokungakholwa. Ngikholwa lonke iZwi laLo, ngikholwa ukuthi Li*njalo*. NgiyaMbona esebenza, eKufakazisa ngayo impela nje indlela Ayeyiyo lapha emhlabeni okokuqala, Unjalo namhlanje, njengoba Ethembisile Uyoba njalo ngesikhathi sokuhlwa. Manje

sihlezi naYe ezindaweni zaseZulwini. Dedela isitimu, asikho isidingo sokudatshulwa nya ngakho konke. Kusiza ngani ukudatshulwa ngemva kokulandela imiyalelo yaKhe na? Ya.

137 Abaningi kakhulu ababizwa ngamaKristu namhlanje, bagijima besuka ehlelweni beya ehlelweni, bagijima baphume futhi bathathe iphepha labo, athi, "Ngikhathele ukuba yiMethodisti, ngizoba yiBaptisti, ngizothatha amaphepha ami ngiwawelisele kumaBaptisti." AmaBaptisti agijimela kuyiPresbyterian, iPresbyterian igijimela ku*lokhu*, *lokho*, no*kunye*, amaqembu ePentecostal ayegijima esuka kwe*linye* eya *kwelinye*. Wenzani na? Yini indaba na? Kuyakhombisa ukuthi kwakhela isitimu, awazi ukuthi umi kuphi.

138 "Ubani oqinisile, Mfowethu Branham na? Ingabe *laba* baqinisile, noma ingabe *laba* baqinisile, noma ingabe *lona* uqinisile na?"

UKristu uqinisile.

"NgiMemukela kanjani na?"

139 "Ozwa amaZwi aMi, akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuPhakade. Futhi Ngizomvusa ngosuku lokugcina." Amen. Ngoba ini na? Walikholwa iZwi likaNkulunkulu. Yilokho kuphela.

140 Abanye bebeyosenza sikholwe ukuthi ufanele umemeze ukuze ukuthole, amaMethodisti akukholwa lokho. Bathola ukuthi kunenqwaba eyamemeza eyayinesitimu esiningi ngemuva, kunjalo, yakhela intukuthelo futhi yalwa namaLuthela.

141 IPentecostal ithi, "Ufanele ukhulume ngezilimi ukukukholwa." Bakhuluma ngezilimi, futhi balwisana bodwa, "I-Oneness endala, angizukuzihlanganisa ngalutho ngawe. ITrinitarian endala, angizukuzihlanganisa ngalutho nawe. U*S'bani-bani* omdala, anginjalo . . ." Niyabo, usengaphansi kwesitimu, awukaze ufike endaweni efanele okwamanje.

142 Kodwa, mfowethu, uma ufika kuleyondawo ukuthi ufile futhi wavuka naYe ekuvukeni, uyamthanda umfowenu, udadewenu, akukho hlelo elingephula lowomgoqo, ningamaKristu, futhi nimunye kuKristu Jesu, noma ngabe uyiPresbyterian, iMethodisti, iBaptisti, noma ngabe uyini, futhi niMbone ehamba phakathi kwethu. Kulungile. Amen.

143 Niyabona ukuthi amahlelo ethu asitholelani na? Isigejabe sombhedo. Ahlukanisa inhlanganyelo yethu, aphula imigoqo, abeka abantu ngaphansi kwengcindezi, nayo yonke into, uzama ukulwela inhlangano, izofa futhi ibhubhe, akumele ife, isivele ifile, yayifile kwasekuqaleni.

144 Kodwa uKristu, ukuKristu, uyaphila, uma ukuKristu uyalikholwa iZwi laKhe, uma ukuKristu UyaZibonakalisa kuwe, uma ukuKristu wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni.

"IGama leNkosi linguMbhoshongo onamandla, abalungileyo babalekela kuWo, futhi baphephile." Hhayi, "Ihlelo lingumbhoshongo onamandla," hhayi, "Isivumokholo singumbhoshongo onamandla," kodwa, "IGama leNkosi linguMbhoshongo onamandla, abalungileyo babalekela kuWo, futhi baphephile."

145 Dedela isitimu, vele uze kuKristu. Ungezi, "Awu, ngizothatha isivumokholo sa*leli*bandla. Ngizothatha isivumokholo sa*lelo*bandla." Thatha amandla kaNkulunkulu, thatha iGama likaJesu Kristu. Khuleka kuLo, ubhaphathizwa kuLo, khulekela abagulayo kuLo, ukhiphe amademoni kuLo, "NgeGama laMi bayokhipha amademoni." Phila kuLo, memeza kuLo, hamba kuLo, yifa kuLo. Amen. "Konke enikwenzayo ngezwi nangesenzo, kwenzeni konke eGameni likaJesu Kristu, nidumisa uBaba." Amen. Yilokho kuphela.

146 "IGama leNkosi linguMbhoshongo onamandla, abalungileyo babalekela kuLo, futhi baphephile." Manje, ungeke weza kuLo, usho isivumokholo esithile, noma into ethile efana naleyo, ufanele ufe futhi uze kuLo. Ufanele uhambe ungene kuLo, futhi ufe kuwe uqobo, futhi uvuke kabusha, khona-ke lonke iZwi likaNkulunkulu liba ngokoqobo.

147 Ungacabanga ukuthi indoda inombhaphathizo kaMoya oNgcwele, owabhala iBhayibheli, bese ithi, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule"? Ungayicabanga indoda, akunandaba ukuthi ijule kangakanani esayenseni yezenkolo, noma—noma yini-okunye, iphike lona impela iZwi leBhayibheli, uMoya oNgcwele aliloba, futhi bathi uMoya oNgcwele ukuyo na?

148 Ungamcabanga owesifazane ezizelula ngepheya la—lalezi zikhindi, ehla enyuka emigwaqweni, ngenkathi iBhayibheli likulahla na? Ungacabanga abantu benza, a—abantu, namhlanje, bephila ngendlela abenza ngayo, bese-ke bethi banoMoya oNgcwele na? Ngani, zona impela izithelo enizithelayo, bantu, zifakazela ukuthi aninaWo. Ushaya ikhwela ongazi lutho ngalo. Lapho ufile, ufile; lapho uphila, uyaphila, nezinto ezindala ziyadlula, futhi lonke iZwi likaNkulunkulu ligcizelelwe ngo "Amen." Akunandaba ukuthi izivumokholo zakho noma ihlelo lithini, iBhayibheli liyakusho, "Phezu kwalelidwala ngiyakulakha iBandla laMi, namasango esihogo angeke aLehlule," kwasho uJesu. Whewu! Amen.

149 Ngi, ucabanga ukuthi ngiyathukuthela, anginjalo, ngivele ngibhadle. Niyabo? Uthando, uthando lingukuqondiswa. Uthando lingukuqondisa kwaPhezulu. O, isethembiso!

150 Ngani na? Kungani begijima besuka kwenye indawo beya kwenye na? Kungani bejoyina *lokhu*, futhi bagijimele ku*lena* ngapha, *le*nhlangano, noma *leyo* na? Bavele bokhele isitimu. Yini indaba na? Abakaze beze eSikhoselweni esifanele okwamanje. Kukhona ukuthula, uthando, injabulo, ukubekezela, ubumnene,

ukukhuthazela, ukukholwa kuMoya oNgcwele, emBusweni kaNkulunkulu, lezi ezinye izinto seyadlula.

151 "IGama leNkosi linguMbhoshongo onamandla." Si—sifinyelela kuLo, futhi siyaLikholwa, futhi siphephile etendeni likaNkulunkulu. Futhi lapho wenza lokho, uyazi-ke ukuthi usudlulile ekufeni wangena ekuPhileni. Ubheka emuva futhi ubone lapho owake wangakholwa khona uNkulunkulu, futhi manje uyaMkholwa, uyabona lapho owake waqophisana khona ngesivumokholo, futhi manje useBhayibhelini.

152 Ngesinye isikhathi i, omunye wakutshela ukuthi yayingekho into okuthiwa ukukhuluma ngezilimi, yayingekho into enjenga*lena*, neBhayibheli alikufundisi *lokhu*, futhi naLifunda, futhi nakho kwakukhona eBhayibhelini, futhi wena uthi, "Kodwa umelusi uthi, noma i...ihlelo lami lithi lokho kwakungokolunye usuku." Awu, usafile esonweni, vuka ngaphezulu, lokho ngukungakholwa.

153 "O," wena uthi, "kodwa, ngiphila ngokungcwele." Akukho-muntu phakathi lapha, akekho owePentecostal eMelika ongaphila ngcwele njengalabo abahedeni base-Afrika. Qhabo, mnumzane. Kuthiwani ngabakaMohamede na? Kuthiwane ngobungcwele babo na? Zama ukuhlala nabo kanye, zama ukuqhathanisa ukulunga kwakho.

154 Isizwana esisodwa lapho, uma intombazane encane ingashadi kuze kube isikhathi esithile, ihlolwa ubuntombi bayo kutholwe ukuthi kungani ingashadanga, uma itholakala ingcolisiwe ifanele isho indoda ekwenzile, futhi bona, bobabili babulawe ndawonye. Kungaba ukubulala okuningi esizweni uma lokho bekungaba njalo, bekungeke yini, ngapha na? Zama ukuqhathanisa nalokho.

155 O, kodwa namuhla singatshela abantu, ukuthi baphile, futhi bakhukhumala futhi baqhume, futhi bagijimele kwenye into ethile, futhi bathi, "angifuni ukukuzwa. Awu, uhlezi ungithethisa!" Lokho kungikhumbuza ngoMikaya, ngenkathi ema phambi kuka-Eliya, noma, phambi kuka-Ahabi, wema lapho, ngokuba wamukela izwi lika-Eliya, waqhathanisa umbono wakhe nalokho umprofethi ayekushilo, phambi kwakhe, neZwi likaNkulunkulu. Futhi uma sithola umbono futhi ungaqhathaniseki neZwi likaNkulunkulu, khona-ke uyeke, hlala neZwi. Yebo, mnumzane. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

156 Manje, u-Isaya waMchaza, ngenkathi eMbona, wathi... Manje, ngenkathi beMbona kulenhlanganyelo, baMbona, loMbhoshongo onamandla, ukuhlala kuWo kanye nokukholwa kuWo: "UyiSikhoselo." Kodwa ngenkathi u-Isaya eMbona lapha esahlukweni 32, wathi, "UyiDwala ezweni eliyethileyo." Lokho kufanele kube yilelizwe, izwe eliyethile, elidangele.

157 "O," wena uthi, "he, leli yizwe lenjabulo nokwethaba." Ya, ngiyazi ukuthi kunjalo, njengoba nje ngishumayelile, ngiyakholwa, ngeSonto eledlule ngokuthi *Indlela YomProfethi Weqiniso*, ngenkathi u-Amose ekhuphuka futhi ebuka ngale kulelodolobha, lowomshumayeli wasemaphandleni omdala, onempandla, ubuhwanqa bulenga ngapha nangapha, amehlo akhe efifiyela, akazange abukeke njengomunye walaba bavakashi besimanje beza eHollywood, bebuka ubukhazikhazi nezinto, amehlo akhe ayefifiyela, wabheka phansi lapho futhi wathi, "Yena kanye uNkulunkulu enithi nithembele kuye uzonibhubhisa." Uma ebengeza eMelika kulobubusuku, ubengasho into efanayo, "Yena impela uNkulunkulu enithi niyamkhonza, Uzoba yimbubhiso yenu," futhi Wakwenza. Washumayela kuphela cishe iminyaka eyishumi nantathu, kodwa waphila ukuze abone izwi lakhe ligcwaliseka. Wayeyindoda engesabi ngeZwi likaNkulunkulu.

158 Wena uthi wakwazi kanjani u-Amose lokho na? Ngoba wayekwazi ukuxilonga lolo daba njengoba nje udokotela exilonga udaba. Lapho udokotela ethatha udaba, futhi elubheka, futhi ebona izimpawu kulo, umdlavuza, futhi usithuthuke kakhulu, uthi, "Kungukufa." Awekho amathemba ngokwazi kwakhe, awekho amathemba ngalesosiguli ngoba sesihambe kakhulu.

159 Kodwa lapho owangempela, umprofethi weqiniso kaNkulunkulu ebuka phansi futhi ebona isono sesizwe, ebona abesifazane bethu bephungula izinwele zabo, futhi begqoka izingubo ezingcolile, futhi abone abantu benesimo sokumesaba uNkulunkulu, futhi beboshelwe esivumwenikholo, nezinto ezinjalo, bedukisa abantu, abaholi abayizimpumputhe bezimpumputhe, bexilonga udaba ngeZwi likaNkulunkulu, akukho lutho olungenzeka ngaphandle kokubhujiswa, konke osekusele. Umdlavuza odlile, ukubola kwaze kwayofika emnyombeni.

160 Phakathi kwawo wonke amahlelo kwenziwe, akukho okungenziwa ngaphandle kokukhala ngokumelene nento engalungile. *Amen*! Kusho, "makube njalo," futhi kunjalo.

161 Kulungile. "IDwala elikhulu ezweni eliyethileyo, uMpheme ngesikhathi sesiphepho." O, ngijabula kakhulu lapho eMbona njengeDwala elikhulu ezweni eliyethile!

162 O, ngiyakhumbula lapha esikhathini esingeside esedlule, ngangifunda incwadi ngokhozi, uhlobo oluthile lokhozi, ngicabanga ukuthi luse, ngale emazweni asempumalanga. Futhi ngashumayela lapha esikhathini esithile esedlule ngokuthi, *Njengokhozi Luhlakaza Isidleke Salo*. Ngangifunda ngezinkozi, futhi ngathola ukuthi kunezinhlobo ezingamashumi amane ezehlukene zezinkozi, kodwa lolukhozi oluthile, iBhayibheli lithi "njengokhozi luvuselela ubusha balo, luvuselela amandla alo,

siyakukhuphuka njengezinkozi," kanjalonjalo. Futhi lolukhozi oluthize, lapho luqala ukuguga luyazi ukuthi luzofa maduze impela, kukhona uqweqwe olufika phezu kwekhanda lalo. Lunempandla, niyazi.

163 Futhi yingakho uNkulunkulu aZifanise nokhozi, Ufanisa abantwana baKhe nezinkozi, futhi, ngenxa yokuthi ziyizinyoni ezindizela phezulu kunazo zonke, zingakhuphukela phezulu kunanoma iyiphi enye inyoni ekhona. Iso lalo libukhali kakhulu, bekungeke kulusize ngalutho ukukhuphukela lapho ngaphandle kokuthi lubone okwakwenzeka ezansi lapha, lubone kude. Wafanisa umprofethi waKhe nezinkozi ongantweza akhuphuke *kanje*, futhi abuke le kude futhi abone izinto ziza, uyabuya ehle futhi atshele abantu ukuthi yini elungiselela ukwenzeka, ukhozi.

164 Futhi lolukhozi oludala, lapho luqala ukuguga, luthola... futhi lukhuphukela phezulu *le* emfantwini wamadwala, futhi luthola idwala elithile, lukhuphukela lapho. Seluyaguga kakhulu alusakwazi nokuhambahamba, lolu qweqwe luyalubulala, phezu kwekhanda lalo. Futhi luthatha ikhanda lalo futhi luqala ukushaya kulelodwala, lulishaye etsheni luze lukhiphe uqweqwe ekhanda. O, kuluzwisa ubuhlungu! Uyalubona phezulu lapho lubhakuza ngapha nangapha. Luzogxumela emuva (Ngalubuka ngezingilazi.), luzophinde lushaye ikhanda lalo. Luzama ukwenzani na? Lushaye lukhiphe lolo qweqwe. Futhi luzokopha, negazi lizogeleza yonke indawo kulo luze lushaye lukhiphe loloqweqwe.

165 Futhi uma lungakwazi ukulushaya lulukhiphe, luyafa, kodwa uma lulushaya lulukhipha, luzoqala ukuthokoza nokuklabalasa, ungaluzwa emamayeleni, kuklabalasa nje. Ngani? Luyazi ukuthi lukhiphe lonke uqweqwe kulo, luyazi ukuthi ubusha balo buzovuselelwa, ngenxa yokuthi lulukhiphile uqweqwe. Lokho kuyamangalisa, ngiyakuthakasela lokho ngokhozi, kodwa mfowethu, ngiyalazi iDwala. Amen! Ngiyalazi iDwala ukuthi isoni esiyethile singashaya esalo, hhayi ikhanda laso lapho, kodwa sizishaye ngomkhuleko kuze kuxebuke lonke uqweqwe lwezwe kuso, konke ukungakholwa, amaketango agqashuliwe, futhi lowomuntu angazishaya emkhulekweni lapho aze agqashuke onke amaketango esono kuye.

166 Ngiyazi ukuthi izifebe zingashaya kuphi zize zibe amanenekazi, ngiyazi lapho izidakwa nabagembuli bengashaya khona baze babe ngabangcwele bakaNkulunkulu, amadoda kaNkulunkulu, ngiyalazi iDwala, leloDwala linguKristu Jesu, iSikhoselo sethu. Futhi lapho nje uthola lonke izwe lishaywe lasuswa kuwe, uvuselela ubusha bakho.

167 Uvuselela ini na? Ure-...Yazi ungaqala ukudumisa uNkulunkulu ngoba ukuPhila okuPhakade kuqinisekile, ngoba Wakwethembisa. Hlala nje lapho kuze kudlule konke okwezwe,

kodwa inqobo nje uma olunye uqweqwe lwezwe lusanamathele, kungcono—kungcono uqhubeke ushaya, ngoba ukuPhila okuPhakade akukabi lapho. Lapho uthi, "Awu, ngikholwa ukuthi ingxenye yeZwi likaNkulunkulu ilungile," a, usenalo uqweqwe lapho. Yebo, mnumzane. Ngenkathi abesifazane besaphungula izinwele zabo futhi begqoka izikhindi, uqweqwe oluningi lapho. A-hha.

168 Omunye wangithethisa ngalokho ngolunye usuku, bathi, "Mfowethu Branham, abantu bayakuhlonipha ngokuba umprofethi."

Ngathi, "Angiyena umprofethi."

169 Wathi, "Kodwa bathi uyilokho. Kungani ungafundisi abantu ukuthi bangayithola kanjani iHo-. . .uzothola kanjani izipho zomprofethi nokuthi uzithola kanjani *lezo* zinto lapho na? Yeka ukubatshela labo besifazane, lawo madoda ngezivumokholo zawo, nangabesifazane indlela abagqoka ngayo."

170 Ngathi, "Uma bengakwazi ukufunda o-ABC abo, bazobafundisa kanjani ongwaqa na?" Abanakho ukuziphatha okujwayelekile kokuhlanza nokwenza kanjalo nokuba njengamaKristu, uzobafundisa kanjani emhlabeni, ubanike imfundo yasesikoleni esiphakeme lapho bengakaphumi enkulisa, nokho, futhi bengafisi ukuphuma. Angiqondile ukuthukuthela noma—noma ukuba mubi, kodwa lelo yiqiniso. Amen. Whewu! Ngizizwa ngikholwa.

171 Hlala lapho! Lapho uMoya oNgcwele ufika Uzokwenza isidalwa esehlukile ngawe. Ngenkathi lonke izwe selishaywe lakhishwa kuwe, namaketango nakho konke ukungakholwa kwashaywa kwakhishwa, uyakholwa nguJesu Kristu onguye izolo, namuhla, naphakade, uyakholelwa emandleni kaNkulunkulu, uyakholelwa ovukweni, uyakholelwa embhaphathizweni kaMoya oNgcwele, uyakholwa kuzo zonke leziziphiwo zokomoya futhi uzibone zisebenza.

172 Ngani na? Nafa naYe, futhi nambelwa naYe, futhi navuka naYe. Nakho-ke. Khona-ke isitimu siyahamba. O, mfowethu, umshumayeli angeke ashumayele iZwi elilodwa elikulahlayo, qhabo, mnumzane, ngoba ungathi, "Amen," kunoma yini ayishoyo, niyabo, ngoba ushaywe onke amaketango amadala akhishwa. Yilokho kuphela. Awuthembi sivumokholo, wethembele kuKristu. Yebo, mnumzane.

173 Ya, lapho uqweqwe oludala lushaywa lukhishwa, khona-ke ulungile, ulungiselela ukuba, ube nobusha obusha ngalesosikhathi, noma, impilo evuselelwe. UnokuPhila okuPhakade, iZoe, ukuPhila kukaNkulunkulu uqobo kuhlezi kuwe, khona-ke uyaphila, awufile. Khona-ke izifiso nokulangazelela kwakho kusezintweni zaphezulu, hhayi ezimfashinini nezinkanuko zalelizwe, ukugijima ngapha nangapha emidansweni, nokuya emibukisweni yezithombe.

174 Futhi iningi lenu bantu bePentecostal nihlala ekhaya ebusuku futhi nibuke amathelevishini nezinto ezinjalo, futhi nigeje imihlangano yenu yomkhuleko, yingoba amakholiji enu ezenkolo, phandle lapha, aphendulelele abanye abashumayeli baka-*Elvis* abasazitabane, esikhundleni samadoda kaNkulunkulu abayokuma futhi anitshele iqiniso. Kunjalo impela. Abazama ukukwenza . . .

175 Uyazi ukuthi hlobo luni lwesivuno esisivunayo na? Sivuna isivuno sehlelo, ngoba sahlwanyela imbewu yehlelo. Yilolo kuphela uhlobo lwembewu olungavela yimbewu yehlelo, yingoba yilokho esikuhlwanyelayo, uzama ukufaka abantu ku*lokhu*, futhi ufake abantu ku*lokho*.

176 Benifanele niyise abantu kuKristu, futhi nikhohlwe yizinto zenu zehlelo noma umehluko. Babuyisele ekuphileni okungcwele ngoNkulunkulu ongcwele ngoMoya oNgcwele, futhi nibone amandla kaNkulunkulu ehamba njengoba Enza ngesinye isikhathi. Amen. Sizibiza ngamaKristu futhi siphike iZwi! "Isimo sokumesaba uNkulunkulu kepha amandla akho bewaphika." Bese-ke uthi, "Awu, esikudingayo namuhla . . ." Akumangalisi sinengcindezi yakhele. Ngabe iMethodisti iqinisile na?

177 Intombazane iza kimi kungekudala, yathi, "Mfowethu Branham, uyakholwa ukuthi akulungile ukuthi intombazane kaMoya oNgcwele igqoke iziketi ezisapitikoti na?"

Ngathi, "Yini isiketi ezisapitikoti na?"

Futhi yathi, "Awu, ngu*kuthi-nokuthi*, iziketi zangaphansi, umbukiso wokwangaphansi."

Ngathi, "Yini emhlabeni intombazane kaMoya oNgcwele engathanda ukuyikhombisela ipitikoti layo na?"

178 Ihlazo, ihlazo! Ngani, yini indaba nga—yini indaba ngabafowethu namuhla na? Yini indaba ngokushumayela namuhla na? Bayesaba ukukwenza, ngoba yithikithi lokudla, besaba ukuthi uzoxoshwa. Ngani, ba—babengeke badingeke ukuthi bangixoshe, ngaphuma empeleni.

179 Futhi ngangingeke ngizihlanganise phakathi kwabangakholwayo, uJesu wathi ningakwenzi lokho, "Ningazibopheli ejokeni nabangakholwayo, kodwa phumani phakathi kwabo, nahlukane nabo, usho uNkulunkulu, futhi Ngizonemukela."

180 Akumangalisi ukuthi izinto zingeke zenzeke, akumangalisi sizama ukwakha imvuselelo yePentecostal, akumangalisi ukuthi sehlulekile ukwenza izinto esizenzayo, ngani, mfowethu, sihlwanyela imbewu engalungile, sihlwanyela lokho izinhlangano zethu ezikukholwayo, lokho izivumokholo zethu ezisifundisa khona.

181 UBilly Graham anganqamula izwe izikhathi eziyinkulungwane, kanye no-Oral Roberts, kanye—kanye noJack Shuler, nabo bonke abanye, akusoze kwasiza ngalutho size sibuyele kuNkulunkulu, sibuyele kwi . . .

182 Futhi uhulumeni angazakha kanjani emhlabeni na? Wena uthi, "Nguhulumeni." Uyazi ukuthi yini indaba ngohulumeni na? Yingoba siyakhetha, ngokwethu. Ngabantu lapho imbangela, i—inkinga ikhona. Sikhetha uhlobo lukahulumeni esinalo, ngoba lokho kungene enhliziyweni yethu ngqo, yilokho esizama ukukwenza. Abantu bafuna into ethile enjalo, bayayivotela.

183 Hambani niye esontweni, ngangisecaleni esikhathini esingeside esedlule, lapho umfowethu omncane wayeseshumayele cishe izinyanga eziyisithupha, futhi abaphatheli nebhodi lamadikoni bambiza futhi bathi, "Kuzofanele ukuyeke lokho, ngeke sikubekezelele okunjalo."

Wathi, "Ngiyeke ini?"

Bathi, "Lowo—lowomlayezo owushumayelayo."

Wathi, "Umlayezo na? Ngishumayela iBhayibheli."

Bathi, "Asikholelwa okunjalo."

"Awu, YiBhayibheli."

Uyazi ukuthi benzani na? Bathi, "Siyomphonsela ngaphandle."

Wathi, "Anidingeki, sengivele ngiphumile." Kunjalo. Impela.

184 Yini indaba, abantu na? Ithikithi lokudla nje. Ngingancamela . . . Wena uthi, "Awu, awukwazi, wena . . . Besaba ukuthi abantu, i . . . Uma ungenalo ikhadi . . . "

185 Ungamcabanga u-Amose enekhadi ngalolosuku ngenkathi ehla lapho ukuzoshumayela kubantu na? Wathi, "Nali ikhadi lami lenhlanganyelo, ngibambisene nabo bonke abaFarisi nabaSadusi." Babemzonda. Kunjalo. Bebeyokwenza namhlanje, uma ebengama namhlanje, ubezoma ngqo kuleliZwi, into efanayo, futhi asole kusukela e—kusukela eKatolikeni kuthi ngqu kumaPentecostal. Ubeyokwenza into efanayo, ngokuqinisekile ubeyokwenza. Ubengeke abe no—ubengeke abe nokubambisana, ubengeke adingeke ukuthi aphathe ikhadi lenhlanganyelo, kodwa wayeno ISHO KANJE INKOSI. Yilokho abantu ababengakufuni.

186 Nicabanga ukuthi ubengahamba emigwaqweni namuhla futhi abone abantu, ucabanga ukuthi umphefumulo wakhe olungileyo ubungama uthule na? Akunjalo impela, qha. Yileyo indaba, ingcindezi yethu iyakheleka, yileyo indaba ngesizwe sethu namuhla, yileyo indaba ngomhlaba wethu namuhla.

187 Esikhathini esedlule ngangibuka, ngenkathi ngise-Afrika, ngasemhlambini lapho i—imvu encane yayidukile emhlambini,

nomfo omncane wethuka kakhulu khona manjalo, ngacabanga, "Yini indaba ngaye na? Yini indaba ngaye na?" Futhi kwenzeka ngaqaphela ukuthi kwakukhona ibhubesi elikhuphukayo. Wayengaliboni ibhubesi, kanjalo wayengalizwa ngephunga ibhubesi, kodwa kwakukhona nje into ethile eyayimtshela ngengozi. Waba nokwethuka, wayekhala, wayeqhubeka, wayengazi ukuthi aye ngakuphi.

188 Yileyo indaba, yini eyakhela ingcindezi, wesaba amabhomu e-athomu, umhlaba wonke, bayesaba ukuthi kukhona okuzokwenzeka, bayazi ukuthi kukhona okuzokwenzeka. Ngani, impela, kuzokwenzeka. Kodwa kwenza muphi umehluko na? Amen. Uhambo olusheshayo oluya eNkazimulweni. Ngani, sesivele sifile, sifile, sivuswe naYe ezindaweni zaseZulwini, kuyisifiso sethu ukuyohlangana naYe.

189 Umfundisi wangibizela phakathi, esikhathini esingeside esedlule, wayesethi, "Mfowethu Branham, uyabethusa abantu, ukhuluma ngokuza kukaJesu, mhlawumbe nganoma yisiphi isikhathi, kanjalo." Wathi, "Wenza abantu bathuke kakhulu."

Ngathi, "Bethuke kakhulu na?"

"Kungani," wathi, "ngokuqinisekile, akekho ofuna ukucabanga ngokuphela kwezwe."

Ngathi, "Lokho kuyinto enkulu kunazo zonke engingayicabanga. Khona-ke abalungele."

Wathi, "Lokho . . . "

190 "Bonke aba*thanda* ukubonakala kwaKhe, Uyobonakala ngokwesibili, labo aba*thanda* ukubonakala kwaKhe, kodwa uma uboshelwe kakhulu emhlabeni futhi usahlala phansi lapha, ukuthi *lokho* akukubambi izikhathi eziyisigidi ngaphezu kwa*lokhu* kwenza kuwena, khona-ke usesezansi *lapha*. Futhi uma uphezulu *lapha*, udlule ku*lokho* waya phezulu *lapha*." Amen.

191 Dedelani nje ingcindezi, bangane, kulungile. O, yebo. Kunjalo, vele udedele ingcindezi. Uma nje uza kuKristu, leliDwala eliKhulu, shaya konke uku—ukungakholwa, futhi kuzo . . . uqala ukujabula-ke, ngoba ingcindezi izophela maduze nje. Kunjalo.

192 Njengezigqila ezindala, emuva ngenkathi isiMemezelo Sokukhululwa, ngenkathi sisayinwa ngalokho kusa, Ngangifunda, lapha eminyakeni ethile edlule, mayelana nalapho, ngenkathi besayina i—isiMemezelo, lezozigqila zajabula *kakhulu*, ngosuku oluthile babezokhululeka. Futhi isikhathi ababezokhululeka ngaso kwakuyilapho i—ilanga liphuma.

193 Futhi niyazi ukuthi benzani na? Abesifazane, nabantwana, nabancinyane, nabakhubazekile, bonke babephansi nga*le*ndlela, babewuhide bonke behla benyuka emmangweni, ngoba

kwathi nje ilanga liqala ukuphuma babekhululekile ngalokho kusa ekuphakameni kwelanga. Ngiyalukhohlwa nje usuku lwakho manje, ngifisa sengathi ngingalukhumbula, kodwa angilukhumbuli nje ngalesisikhathi, Ngacabanga ukuthi ngangikhumbula, kodwa angizange ngikubhale phansi, ngakho angilukhumbuli usuku.

194 Kodwa noma kunjalo, ngalokho kusa, ngokushesha nje lapho babekwazi, babezokhululeka ngokushesha lapho ilanga liphuma. Awu, oqine kunabo bonke, njengamaKristu anamandla kunawo onke namuhla, bakhuphuka baze bathi ngqu esiqongweni segquma, futhi babuka njengoba ukusa kuqala ukuntwela ezansi, kwathi lapho, into yokuqala niyazi, ukulunguza kwelanga kokuqala, lowo ophezu kwegquma wamemeza kakhulu, "Ilanga liphumile! Sikhululekile!" Futhi wampongoloza ezansi kolandelayo, olandelayo wampongoloza kolandelayo, olandelayo kolandelayo, kwaze kwafika le phansi. Bangadedela ingcindezi, "Sikhululekile!" Ngani na? "Ilanga seliphumile." Amen.

195 Lokho kwakuyilanga ilanga i s-u-n, kodwa, namuhla, ake ngimemeze kakhulu, "INdodana ivukile!" INdodana i S-o-n. "UkuKhanya kwakusihlwa kuyakhanya, uMoya oNgcwele ulapha, iNdodana kaNkulunkulu ibusa ezinhliziyweni zabantu!" Dedela ingcindezi, Ilapha, iNdodana uvukile. Manje, ngijabula kakhulu ngalokho, ngibona izinto ezifanayo zenzeka ezenzeka ngenkathi Elapha. Nakhu kusebenza futhi kubantu baKhe ngalolusuku lokugcina, ukuze nje sidedele ingcindezi.

196 Uvukile, uvukile ethuneni, Uvukile kwabafileyo, Uvusiwe iminyaka eyizinkulungwane ezimbili, futhi siphila naYe, sivukile kuYe, sihlezi ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu, amen, sesivele sivusiwe kwabafileyo. Kusiza ngani ukuba nengcindezi kuwe na? Uphile na? Ngani, kufanele uphile, awukwazi ukufa, "Ozwa amaZwi aMi, akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuPhakade." Kunjalo. "NgingukuVuka, nokuPhila," kwasho uJesu, "okholwa yiMi, noma efile, wophila. Ophila akholwe yiMi kasoze afa naphakade." Niyabo, sesivele sivusiwe kanye naYe, sineSibambiso sakho, uMoya oNgcwele ukuyasimemezela kanjalo. Sedlulile ekufeni sangena ekuPhileni. Wazi kanjani na? Umhlaba wonke uphelile.

197 Ukhozi oludala lungavele luklabalase njengoba lungathanda ngoba wonke amaketango aphumile kulo, lonke uqweqwe lwakudala alusekho. Futhi lapho uqweqwe lwezwe, imikhuba yezwe, konke ukuxabana, ukucasuka, ukuthukuthela, konke ukuqhubeka, ugijima usuka ehlelweni uye ehlelweni, konke kuxazululiwe futhi ukuKristu Jesu, niyazi ukuthi ukuPhila okuPhakade kuyahlala, lapho ubheka emuva futhi ubone lapho ovela khona, emuva ezansi lapho kulolodaka futhi niqophisane ezansi lapho. Manje, ngiphezulu *lapha*, ngiphephile kuze kube phakade kuKristu Jesu, isidalwa esisha.

198 Eminyakeni embalwa edlule ngangiphezulu *le* ezintabeni ngishumayela. Futhi ngangishumayela ngobunye ubusuku ngamandla nje engangingakwenza ngokuthi *UbuNgcwele ENkosini*, nokuthi kuyakuba kanjani phezu kwazo zonke izinhliziyo, naphezu kwamahhashi, nalesosithunzi esikhulu siyoba ngesikhathi sasemini, seNsika yoMlilo ebusuku ilenga phezu kweNtaba iSiyoni, kanjalonjalo. Futhi lapho sengiqedile ukushumayela, ngenza ukubizela e-altare, kwakukhona umgawuli wemithi omdala emuva lapho, futhi uNkulunkulu wathi nje ukuthi, "Bamba isikhashana kade nje."

199 Futhi ngathi, "Noma ngubani ofuna ukuza futhi amukele iNkosi, woza manje," futhi akavumanga ukuza. Ngababuza, ngaphinde ngadlala ihubo, badlala ihubo, ngqo, nangu eza egijima *kanjalo*. Waye, Wehlela lapho ukuzongiphonsela ngaphandle emhlanganweni. Ama-ovaloli akhe ayedabuke onke *kanjalo*, futhi wayene—isipikili esikhulu esidala esinamathele ohlangothini lwawo, wayekade esika ifolishi. Futhi wenyukela lapho, akakwazanga neze ukufika e-altare, wawa, wagaqa isandla siphezu kwekhanda empongoloza, "Nkulunkulu, ngihawukele," kanjalo, wenyukela e-altare futhi wasindiswa.

200 Ngosuku olulandelayo . . . ngobusuku obulandelayo, wenyukela lapho ehlezi phakathi lapho nabantwana bakhe abancane, umfana wakhe omncane uyenyuka, umfo omncanyana, cishe iminyaka emihlanu ubudala, wathi, "Mfowethu Branham," wathi, "sinobabayi omuhle manje." Wathi, "Njalo ebusuku uyangena, adakwe, futhi asibhaxabule nakho konke." Kodwa wathi, "Namuhla ebusuku, sonke sacela isibusiso etafuleni." Wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni.

Ngaphambi nje kokuba ngilungiselele ukushumayela, wathi, "Mfowethu Branham, unga, ungiphe umzuzwana, ngize ngikwazi ukutho okuthile na?" washo.

Ngathi, "Yebo, Mnumzane. Yenyukela lapha, Mfowethu."

201 Wenyukela lapho, wathi, "Ngi—ngake ngafa, kodwa manje sengiyaphila." Wathi, "Konke kushintshile kimi." Wathi, "Ngibe nephupho izolo ebusuku, Mfowethu Branham."

Ngathi, "Kwakuyini na? Ungathanda ukusitshela na?"

202 Wathi, "Uyazi, Mfowethu Branham, ngiphuphe ngingunogwaja," futhi wathi, "izinja zokuzingela zase zangigxumela phezulu." Futhi wathi, "Ngangigijima, kodwa lezozinja zokuzingela ezinemilenze emide zaziza emva kwami ngqo, sezizongibamba nje." Wathi, "Zaziklewula," futhi wathi, "zasondela kakhulu kimi ngaze ngawuzwa umoya wazo ezithendeni zami." Futhi wathi, "Njalo, ngangizizwa nje zingiluma njalo lapho zigxuma."

203 Futhi wathi, "Ngabheka futhi kwakukhona idwala elikhulukazi, futhi kwakukhona umfantu kulelodwala, futhi ngangazi ukuthi uma ngingake ngingene kulowomfantu

omncane, wawumkhulu ngokwanele ukuba ngingene kuwo, lezozinja ezizingelayo zazingekwazi ukungena lapho, ngiyazi zazingekwazi ukuklwebha zidlule edwaleni, ngiyazi ukuthi ngangiphephile uma ngingake ngingene kulelodwala." Futhi wathi, "Ngafika *nje* ngesikhathi." Wathi, "Ngenkathi ngingena ngaphakathi," wathi, "Ngavele ngahlala phansi futhi ngaqala ukukhululeka."

204 Yilokho-ke, dedela isitimu. Yilokho-ke, woza nje eDwaleni. Izinja zokuzingela zasesihogweni ziyagabavula ngqo emva kwakho, isono siphawula izimpilo zenu njengoba nihamba. Nizisho . . . Futhi uma uzisho ukuthi ungumKristu futhi usathanda izwe, uma uzisho ukuthi ungumKristu, ungalikholwa iZwi, lezo yizinja ezizingelayo zasesihogweni ziklewula emva kwakho ngqo, ukufihlile ngaphansi kwesivumokholo esithize noma oku*thile-okunye* endlelni enameva, angakubamba lapho. Yinye kuphela iNdawo ephephile, leyo yiDwala, Mfowethu. Kukhona umfantu kuleloDwala kulobubusuku, livulekele izoni, livulekele ukungakholwa, gijimela kulo, bese udedela ingcindezi, uhlale phansi lapho, ulondekile kuze kube phakade. Vele udedele ingcindezi futhi uzoba kahle. Balekela kuKristu, ngoba UyiSikhoselo sethu, "UyiSikhoselo sethu naMandla ethu, uSizo olukhona esikhathini sokuhlupheka."

Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje.

205 Nginezinto cishe ezingamashumi amathathu lapha ebengifuna ukukhuluma ngazo okwamanje, kodwa angifuni ukunikhandla, sekubaleyithi. Ngizonibuza okuthile nokho.

206 Abaningi benu, ngokuphathekayo wonke umuntu ophakathi lapha, uye wayithamela imihlangano yami ngaphambilini, futhi uyazi ukuthi awukwazi ukubeka isandla sakho entweni eyodwa lokho uMoya oNgcwele ongakushongo kodwa okwakulungile, futhi uyakwazi lokho. Kepha ake ngikutshele, Mngane, ungakhoseli enhlanganweni yakho. Ungakhoseli esehlakalweni esithile esincane, izwe ligcwele nje, kulobubusuku, ngomuntu ohambahambayo nemizwa, umlilo, intuthu, igazi, izinsika, nakho konke okunye, ungakukholwa lokho. Munye kuphela umuzwa, lowo nguKristu. Ngenkathi uphakathi lapho, Mfowethu, Dadewethu, impilo yakho iyaguqulwa, uba yisidalwa esisha, wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni. A— angeke nginahlulele, angikaze, angizange ngithunywe ukuba ngahlulele, ngathunyelwa leliZwi kuphela.

207 Futhi nje thathani uhlu lokuqukethwe futhi nizibheke, kulobubusuku. Ngamunye lapha, angikwazi ukuthi ungubani, kodwa vele uzicabange wena, zibuke nje, cabanga indlela owenza ngayo, okwenzayo. Nina besifazane, zibhekeni nina. Nina madoda, zibhekeni nina.

208 Mshumayeli, zibheke wena. Kuthiwani ngenhlangano yakho na? Ngabe kusho okukhulu kakhulu kini, kulobubusuku,

uma iQiniso likaNkulunkulu livela beningeke niLithathe na? Beniyohlala nenhlangano yenu na? Khona-ke useyisoni. Ungongakholwayo, uma ufaka noma yini phakathi kwakho neZwi likaNkulunkulu. Manje, khumbulani, lowo nguJesu, UyiZwi, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu. ULizwi waba yinyama, wakha phakathi kwethu." UyiZwi. Ingabe kukhona yini okuphakathi kwakho noNkulunkulu na?

209 Manje, namakhanda enu ekhotheme, ngizonibuza (Nginibambe isikhathi eside, kodwa ngazi kanjani ukuthi ukuqhuma okulandelayo ngeke kungithole na? Ndawana thize phansi komugqa kufanele ngihambe.) uma uNkulunkulu engalisekelanga lonke iZwi engilishilo. Hhayi ngoba kuyimi, yingoba kuyiZwi laKhe. Kwadingeka ngigwedle izinhlangano zenu ezindaweni ngezindawo, hhayi ngokumelene nani, ngokumelene naleyonqubo ekwehlukanisayo kwabanye, leyonqubo ekuvumela ukuba uhlale lapho futhi uphile njengezwe, futhi usazisho ukuthi ungumKristu kuyilapho wazi ukuthi awusiye. Uma ungenakuqhathanisa neZwi, khona-ke kukhona okungalungile, lokho okomfundisi nabo bonke. Uyazi ukuthi lokho kulungile.

210 Manje, cabanga ngakho. Okunye ukuqhuma, into ethile kwenye indawo izokuthola ngolunye lwalezizinsuku, ufanele uhambe, futhi ufanele ubhekane noNkulunkulu. Wena... Futhi ngenkathi lisekhona ithuba lokushiya ngejubane izinja ezizingelayo, asiye eDwaleni, kulobubusuku. Uzohamba nami na? Ngizohola indlela. Ngenkathi nisakhothamise amakhanda enu, wonke amehlo evaliwe, ubani ongathanda ukukhunjulwa emkhulekweni na? Phakamisa isandla sakho, uthi, "Mfowethu Branham, ngikhulekele." UNkulunkulu akubusise, wena, wena, yebo. Bheka nje phezu kwalesisakhiwo.

211 O, ngiholele eDwaleni, Nkosi. "Ngiholele kuleloDwala eliphakeme kunami. LinguMpheme ngesikhathi sesiphepho." Ngihole, O Nkosi, ngihole. Angifuni—angifuni ukuhlala kulelizwe, angifuni ukushiywa lapha ukuze ngishiswe nalo, "Abaphila ngenkemba bayakubhubha ngenkemba." Abahlala ezweni bayakufa kanye nezwe. Labo abaphilela lelizwe nalelizwe liyobhubha ekuqhumeni kwe-athomu, yifolishi le-athomu nje.

212 Buka lababantu, namuhla, emgwaqweni, babheke egcekeni, bheka nomaphi lapho beya khona, uyazibuza ukuthi yini indaba. Bafuna injabulo, ukubhema ugwayi, ukuphuza, ukutshuza, abesifazane abagqoke ngokungafanele, bazi ukuthi bayaphinga.

213 Wena uthi, "Ngihlanzeke njengawo wonke umuntu." Kodwa Nenekazi, indlela ogqoka ngayo futhi uphume lapha emgwaqeni, amadoda akubuke, UJesu wathi, "Yilowo nalowo obuka owesifazane ukuba amkhanuke usephingile naye." Lapho

lesosoni siphendula ngokuphinga, uzoba yilowo oziveze wena. Cabanga ngakho manje.

214 Nina madoda eningaxegisa iZwi likaNkulunkulu ophilayo ngenxa yocezu lwehlelo, ngiyanidabukela. Asiphenduke, asicele intethelelo kuNkulunkulu, masingakuvumeli lokhu, ingqungquthela phezulu lapha kulelichibi, kube yiphutha. Asithathe uNkulunkulu abe nathi, asisuke lapha sigcwaliswe ngoMoya, umlilo ovuthayo ezinhliziyweni zethu. Asigijimele kuleloDwala, okuwukuphela kweNto engasisiza.

215 Ngelinye ilanga inhlangano yakho, abangani bakho—bakho abakuncenga ngendlela engafanele, ngisho nakumelusi wakho, uyobhubha kanye nezwe, uma ekuyeka uphile kanjalo, futhi angakutsheli lutho ngakho. Bukani labobapristi ababezisho ukuthi bangcwele futhi bavunyelwe, uJesu wathi, "Nina ningabakayihlo udeveli, nenza imisebenzi yakhe." Futhi nokho babehlanzekile, amadoda aqotho, abonakala enjalo, kodwa aliphika iZwi eliphilayo, ayenenesimo sokumesaba uNkulunkulu. Umprofethi wabatshela, wathi, "Yena impela uNkulunkulu enimkhonzayo, Uzo—Uzo—Uzoniqeda. Lowo impela wena . . . " Futhi Wakwenza.

216 Futhi ake ngisho lokhu, kulobubusuku: Yena impela uNkulunkulu iMelika ezisho ukuthi ikholelwa kuye kuyoba nguye impela uNkulunkulu oyoyicwilisa ngaphansi kolwandle, iyovutha njengoMlilo waPhakade. Umhlaba wonke, izwe lobuKristu *elibizwa kanjalo*, liphila ngendlela abaphila ngayo, begona ezivumokholo nezinto ezinjalo, futhi bephika uNkulunkulu! Akumangalisi okwabo i or- . . . Akumangalisi ukuthi imvuselelo yalotha, bafika endawaneni ethize, base-ke behamba bengenisa *lokhu*, futhi bengenisa *lokho*, nokubeka izigidi zamadola ezakhiweni ezintsha zemfundo nezinto ezinjalo, lapho kwakungakaze kumiswe nguNkulunkulu ukwenza njalo. Nokho, "Shumayela iVangeli."

217 Cabanga ngakho. Kuthiwani uma ungafa namhlanje ebusuku na? Kuthiwani uma ubulawa endleleni eya ekhaya na? Ukuqhuma okulandelayo kuyangithola, ngifuna izwe lazi lokhu: Ngiyalikholwa iZwi likaNkulunkulu, lonke iZwi laLo, ngiyaLemukela enhliziyweni yami njengoKristu Jesu. Ngikholwa ukuthi uMoya ukimi oshoyo, ugcizelela lonke iZwi ngo "Amen." Ngiphile ukuze ngibone usuku lapho zonke izithembiso Azenza, ngizibonile zigcwaliseka, ngiyazi ukuthi Uyeza.

218 Ngiyazi Uzela iBandla, futhi impela Liyoba yidlanzana, "Bayoba babili ensimini, Ngizothatha oyedwa ngishiye oyedwa; ababili embhedeni, Ngizothatha oyedwa ngishiye oyedwa," uvuko lwasemhlabeni wonke, uHlwitho. Asikulungiselele, bangane, leli yihora. Isikhathi esihle kangaka phandle lapha, kulelichibi elikhulu, lapha esimi khona, njengoba senza, uJesu

wenza eGalile, ngoMoya oNgcwele khona lapha esakhiweni sethu, kulobubusuku, ehamba phezu kwabantu, ngenkathi, kulesisixuku esincane sabantu abayikhulu namashumi amahlanu noma amakhulu amabili, cishe izingxenye ezimbili kwezintathu zabo zaphakamisa izandla zazo. Masiphenduke.

219 Baba wethu waseZulwini, siyabona, Nkosi, ukuthi ibandla lilahlekelwe uthando lwalo lokuqala. Siyabona ukuthi ibandla ngokugcwele, esizweni sonke, lehlile, hhayi isizwe kuphela, kodwa umhlaba. Siyaqonda ukuthi Wakhuluma ngokunye ukusa futhi wathi isikhathi sokuhlwanyela sesiphelile, lapha, ukuthi indawo kuphela yokuhlwanyela izimbewu isemasimini angaphandle, lokhu kuwukukhothoza phezu kwezibi. Futhi, O Nkulunkulu, ngempela lawomaZwi ayeqinisile.

220 Futhi manje, kulobubusuku, ngenkathi sibona laba abayigugu asebeqalile, ukubonakala okuhle enyameni, bezama ukuya phezulu, bayabona ukuthi bona, ukuthi izimpilo zabo azihambisani naleloZwi. Kukhona okungalungile ndawana thize, banengcindezi, intukuthelo, nokunganaki, futhi O Nkulunkulu, noma izinto ezimbi ezibenza baziphathe kabi futhi bangenzi njengomKristu. Bazithola benganelisekile, bayazulazula besuka kwenye inhlangano beya kwenye, besuka kwenye indawo beya kwenye.

221 Noma bengase ukuba bamemezile, nakuba kungenzeka ukuthi basine isigamu sobusuku, nakuba bengase ukuba bakhuluma ngezilimi njengokuthela uphizi esikhumbeni senkomo esomile, bebengahle benze zonke lezizinto, Nkosi, futhi nokho, O Nkulunkulu, uPawulu wathi, "Noma ngikhuluma ngezilimi zabantu nezeziNgelosi, ngiba njengethusi elikhencezayo, nensimbi encencethayo, noma nginokholo lokususa izintaba, noma ngipha abampofu impahla yami," nazo zonke lezizinto, nokho akabi yilutho.

222 O Nkulunkulu, kwangathi abantu bangethembeli emizweni nokunye nokunye, kwangathi bangeza kuKristu, OyiZwi, bakhuphuke ngaphezu kwakho konke ukungakholwa, futhi balandele uMoya oNgcwele baye eZweni lesethembiso. Siphe khona, Nkosi. Wawela iJordani lokufa, Uyabuya, Wafakazisa ukuthi kwakukhona iZwe elihle laphaya, lapho umuntu ehlala khona kuze kube phakade. Usinika izithelo zokuvuka, Usivumele sizwe izipho zaseZulwini.

223 Futhi kulotshiwe, ngale kumaHeberu isahluko 6: "Ngoba labo abake bakhanyiswa," amaPentecostal, "futhi benziwa abahlanganyeli bakaMoya oNgcwele, futhi banambitha iZipho zaseZulwini," uKudla kwaseZulwini kukaNkulunkulu, futhi manje ngiyabona ukuthi bayawa, wathi, "akusekho umnikelo wesono. Kodwa ukulindela okwesabekayo ukwaHlulelwa, intukuthelo eVuthayo, eyoqeda iphika kani." O Nkulunkulu, kwangathi amakholwa athiyeka emnceleni angagijimela

eKhanani, kulobubusuku, ngokushesha okukhulu. Siphe khona, Nkosi.

224 Kwangathi bonke balabonogwaja abancane, kulobubusuku, Nkosi, lokho kungukugxumela lokho kuphila abanakho kubo, sengathi bangathola leloDwala, Nkosi. O Nkulunkulu, kwangathi lengqungquthela ingalokothi ime ize imihlangano yomkhuleko ibe phandla lapha ngaphandle emahlathini nakuyo yonke enye indawo, baze lababantu bathole leloDwala lapho abesifazane bengaba njengabangcwele bakaNkulunkulu, lapho abangagqoka khona njengabangcwele, futhi baziphathe njengabangcwele, futhi—futhi bakhulume njengabangcwele, namadoda angangena emapulpiti awo, na—na—namadikoni ezikhundleni zawo, kanye nabaphatheli nezinto ezino—ubuqotho namandla okuvuka kukaKristu, ukukhulekela imvuselelo ukuba, ezansi phezu kwabantu. Siphe khona, Nkosi.

225 Kwangathi iBandla lingasindiswa, Nkulunkulu. Wena wathi, "Bonke uBaba aNginike bona bayokuza. Akakho ongeza, uma uBaba waMi embizile. Futhi konke uBaba waMi aNginike khona kuzoza." O Nkulunkulu, ingabe sekwephuze kakhulu na? Ingabe izinja zokuzingela zizosibamba ngaphambi kokuba sifike eDwaleni na? O Nkulunkulu, ungaphi, sengathi wonke owesilisa nowesifazane bangazincinza, bavuke eqinisweni lokuthi sisesikhathini sokuphela. Ngeke kusaba kade kuze kube sekufikeni kweNkosi yethu.

226 Sikhuluma ngengqungquthela ngonyaka ozayo, sazi kanjani ukuthi kusazoba nalobubusuku, noma ekuseni, Uzofika na? Sazi kanjani ukuthi omunye wethu, noma abaningi bethu phakathi lapha, bangabizwa ngaphambi kokusa na? Khona-ke kuyodingeka sime ekwaHlulweni. Zonke lezizinto zezwe zisisiza ngani na? Sizobhubha kanye nazo. Nkulunkulu, asisoze savuka ovukweni, kuphela ukuba silahlwe. UNkulunkulu asiphe ukuthi sikhululeke kuwo onke amaketango, kulobubusuku, ukuthi sizoza eDwaleni, futhi Lapho siphile kuKristu Jesu kuze kube phakade. Siphe khona, Nkosi. Ngena eDwaleni futhi udedele ingcindezi.

227 Siphe khona, Baba. Ngibanikela kuwe manje. EGameni likaJesu Kristu, sengathi bonke bangafinyelela eDwaleni ngokuphepha lapho isiqiniseko sabo siLapho, futhi bangabona izimpilo zabo lapho uqweqwe lonke selushaywe lasuswa. Abaningi, Nkosi, abaningi, abaningi, Nkosi, badukisiwe, lapho bacabanga ukuthi baseDwaleni futhi babheke phansi ngqo ezimpilweni zabo futhi babone ukuthi abanjalo, babone amaketango ezwe, isifiso, izinto zezwe zisalenga kubo, bayazi ukuthi abakaze bashaye bakhiphe uqweqwe emkhulekweni, nokho.

228 UNkulunkulu makaphe ukuthi lawamagumbi asehhotela, kulobubusuku, azoba umhlangano womkhuleko owodwa

ophilayo ubusuku bonke, wokushaywa nokukhuleka, O Nkulunkulu, amaKristu aze azalwe futhi agcwaliswe ngoMoya oNgcwele, izimpilo ezintsha ziqaliwe. EGameni likaJesu, siyakucela, ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu. Amen.

NiyaMthanda na?

Ng'yaMthanda,

Manje Mkhonzeni ngoMoya, inhliziyo eqinile.

Ngoba . . .
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

229 Niyakuthola engikuqondile na? Ukuthi sifile, ukuthi senivele nivusiwe kanye naYe. Leso yisibambiso sensindiso yethu, sihlezi ndawonye ezindaweni zaseZulwini. Bheka emuva ezindaweni lapho uza, bheka ukuthi kwenzekani, zihlole, thatha uhlu lokuqukethwe. Bona: "Ngabe ngileqile iZwi laKhe na? A—a—angizange . . . Ngi—ngi—ngiyazi ukuthi iBhayibheli lisho *lokho*, kodwa angikukholwa nga*leyo*ndlela." Qaphela, awukakafi. Ukube uMoya oNgcwele ubuphakathi lapho Ubeyothi, "Amen, Lelo yiZwi laMi," Niyabo?

"Awu, ngikholwa ukuthi izinsuku zezimangaliso selwedlule."

Uyakholwa, futhi iBhayibheli lathi, "Unguye izolo, namuhla, naphakade"?

"Ngikholwa ukuthi izibonakaliso zikaMarku 16 zazingezesinye isizukulwane."

230 Uyakholwa, ngenkathi Ethi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo"? Kude kangakanani na? "Kuze kube sekupheleni kwezwe. Bhekani, nginani njalo. Nemisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza." Kuze kube nini na? "Kuze kube sekupheleni kwezwe." Zonke izithembiso zomprofethi, ukuthi kulesisikhathi sokuhlwa, umprofethi wathi kuyobakhona usuku olungayikubizwa ngokuthi yimini noma ubusuku, luyoba olukhwantabele.

231 Liphumaphi ilanga na? Empumalanga. Lishona kuphi na? Entshonalanga. Ihamba kanjani impucuko na? Kusukela empumalanga kuya entshonalanga. Manje, kubenosuku kusukela iNdodana, iNdodana i S-o-n, yavuka ngokuphulukisa emaphikweni aYo, empumalanga, phezu kwabantu basempumalanga. Futhi manje, kube nosuku lwenhlangano, ihlelo, ukuKhanya okwenele nje ukubona ukuze uhambahambe, bhala igama lakho encwadini, futhi wemukele uKristu njengoMsindisi, kodwa Wathembisa, "Ngesikhathi sokuhlwa kuyakuba ngukuKhanya."

232 Manje, iziNkanyiso zakusihlwa isiphumile, kukhombisa ilanga elifanayo, ilanga i s-u-n, eliphuma empumalanga yilanga i s-u-n elifanayo elishona entshonalanga. Inkolo,

impucuko, insindiso, iye yahamba isuka empumalanga yaya entshonalanga njengelanga. Futhi manje iNdodana i S-o-n, uMoya oNgcwele ofanayo Owehla ngoSuku lwePhentekoste uyehla entshonalanga. Asikwazi ukuqhubekela phambili, sisoGwini lwaseNtshonalanga, uma siqhubekela phambili, siseShayina, sibuyela empumalanga futhi, lapho kwaqala khona. Niyabo? "Kodwa kuyakuba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa." Yihora, bangane, yihora. Ngicela nikwamukele.

233 Futhi lalelani, ake ngininike . . . Kulungile, umzuzwana nje kade na? Lalelani. Niyabesaba ubukhomanisi na? Nibesabani ubukhomanisi na? Nina bantu vukani! UbuKhomanisi busesandleni sikaNkulunkulu, ngani, yithuluzi Alisebenzisayo. Ningalokothi . . .

234 Awukho nowodwa umBhalo eBhayibhelini owathi ubukhomanisi buyobusa umhlaba, kodwa iBhayibheli lathi ubuRoma buyobusa umhlaba. Okwakuyinsimbi nobumba phansi ezinyaweni na? Ingabe kwakuwubuKhomanisi na? Qhabo, mnumzane, kwakungubuRoma nobuProtestane, kunjalo impela. Leyonsimbi, insimbi, iRoma, yehla ize iyofika ekugcineni, ubuRoma.

235 Futhi bheka lapho ihlezi khona namuhla, kusukela umongameli wethu, uMnu. Kennedy, akhethwa, ezinyangeni eziyisithupha ezedlule, selokhu akhethwa, esifundazweni saseKentucky cishe abantu abayizinkulungwane ezingamakhulu amathathu neshumi sebephenduke amaProtestani baya kumaKatolika, esifundeni saseKentucky kuphela. Kwakusephepheni ngolunye usuku. Niyabo?

236 Bukani ukuthi kwenzekeni manje. Kuyini na? UMkhandlu Wamabandla Omhlaba. Bakhuluma ngalokho, futhi bakusho konke lokhu . . . Njengomfowethu, iPresbyterian, kanjalonjalo, ingena. Kuyamangaza lokho, ngiyakukholwa lokho, futhi, kodwa wake wavuka wacabanga ukuthi uJesu ukuthi leyontombi eyisiwula, ngenkathi iqala ukubiza amaFutha, kwaba khona lapho uMyeni efika na? Ngenkathi zivuka futhi ziqala ukubona ukuthi zazingenawo amaFutha, zahamba zayothenga amaFutha, futhi kungalowomzuzu, ngenkathi zihambile ukuyothenga amaFutha, ukuthi uMyeni uyafika, noMlobokazi wangena. Anikuboni lokho na?

237 Futhi sicabanga ngawo wonke lamaEpiscopalians, amaPresbyterian, namaLuthela, siyakuthakasela lokho, siyababona bengena, kodwa kuyisibonakaliso kithi. Lesi yisikhathi lapho beza ukuzothenga lawoMafutha, intombi elele kade ilele sonke lesisikhathi. Yini indaba ngalababelusi namuhla na? Awulazi ihora ophila kulo na? UJesu wathi, "Ukuba beningazi Mina, beniyolwazi usuku lwaMi." Wathi, "Ningahlukanisa ubuso besibhakabhaka, kepha izibonakaliso zezikhathi anikwazi ukuzihlukanisa."

238 Vukani, bantu, anazi yini ukuthi iBhayibheli lakusho lokho, kulelibandla lePentecostal ngendlela elihamba ngayo manje, "Esikhathini ongasicabangi"? Niyazi ukuthi ibandla lePentecostal nguNyaka weBandla laseLawodikeya, owokugcina wayo na? liyoba sivivi, uNkulunkulu ubeyolikhafula emlonyeni waKhe na? wonke unyaka webandla, nayo yonke inkanyezi, wonke umfundisi onyakeni webandla, yonke iNgelosi eBandleni isikwenzile ukubonakaliswa kwayo na? Benazi yini ukuthi lonyaka webandla kwakuwukuphela konyaka webandla uJesu akhishwa ngawo ebandleni laKhe futhi wafunyanwa engqongqoza emnyango ezama ukubuyela phakathi, uNyaka weBandla laseLawodikeya na? Awuliboni ihora esiphila kulo na?

239 Ngifisa sengathi bengingeza lapha cishe amaviki amabili noma amathathu, wonke, ngokufundisa iBhayibheli nje kwesiprofetho nezinto, sibona lapho esiphila khona, bangane. Yini indaba ngabantu na? Aniboni ukuthi sisesikhathini sokuphela na? Konke sekuphelile, okulandelayo kuzoba ukushanela okuzobamba leloqembu elincane ndawonye, esikhathini esingangenyanga noma lizobe selingasekho, lapho nje selibuthene ndawonye. Awu, sisekupheleni, awekho amathemba asele ndawo. Gijimelani kuKristu, bantu!

240 Ngezipho zakho ngondle abantwana bami, ngobuhle bakho ngibe nenkonzo, ngabantu, amaPentecostal, engashiya ibandla lamaBaptisti ukuba ngize kuwo, ubunguye. Lapho bengitshela ukuthi ngangingoshiseka ngokweqile, yayingekho into okuthiwa yisiprofetho, kwakungekho into njengalezi ziNgelosi zibonakala, nezinto ezinjalo, ngiyanithatha ukuba nirekhode, kulobubusuku: Sengake nganitshela noma yini emashumini ezinkulungwane, ngaphandle kwalokho okwenzekayo na?

Niyakhumbula ngenkathi befika phambi kukaSamuweli futhi bathi, "Sifuna i, sifuna uSawule abe i—inkosi"?

Futhi uNkulunkulu watshela uSamuweli, wathi, "Abakulahlanga wena njengomprofethi, balahle Mina." Wathi, "Yehla, ume phambi kwabo."

Wathi, "Sengake nganitshela noma yini eGameni leNkosi, ngaphandle kwalokho okwenzekayo na? Ngake nganinxiba okokuziphilisa na?"

Bathi, "Qha, lezizinto zilungile, kodwa sisafuna inkosi."

241 Nakho-ke, kuyindawo efanayo ibuya futhi. Yibandla, yibandla, akusona isizwe, ngabantu. Ukube bebezokwenza . . . Buka ithelevishini yethu, buka amaphephandaba ethu, buka amabhodi ethu ezimpawu, buka abesifazane bakithi, buka abesilisa bakithi, buka amabandla akithi, ngani, kubole kwaze kwayofika emnyombweni. Kunjalo impela. Bese-ke sibiza lokho ngoKrist- . . .

242 Ningathembeli kulezozinto, bantu. Ngiyanithanda, angizami uku—ukuzama ukuzikhukhumeza, noma ukusho into ethile engalungile, nginitshela eGameni leNkosi. Uma ukholwa lezi ezinye izinto futhi wazibona zifezeka, kholwa yi*lokhu*. Sekuleyithi kunalokhu ucabanga.

243 UNkulunkulu anibusise. Kungcono ngiyibuyisele kowenu, kusihlalo lapha, uMfowethu Sonmore, noma abanye babo lapha.

244 NiyaMthanda na? Asilicule lelo kanye futhi. Futhi ngifuna nonke nina maMethodisti nixhawulane namaBaptisti, nani maPentecostal ngendlela efanayo, bese uthi nje, "NgiyaMthanda futhi, Mfowethu, futhi ngosizo lukaNkulunkulu ngizoMkhonza ngayo yonke inhliziyo yami." Uyakholwa na? Uzokwenza na? Ithi, "Amen."

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
Ngoba (Kunjalo.) . . . wangithanda
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

245 Bangaki abafuna ukwenza loloHlwitho na? Phakamisa isandla sakho. Kulungile. Niyabo, Usasebenzana nawe. Niyabo, kukhona iSikhoselo sakho uma Esasebenzana, asicindezele siqhubekele phambili. Nginazo zombili ezami ziphakeme, ngifuna ukukwenza nami. "O, ngisondeze, eduze, o eduze Nkosi ebusisiwe, ngisondele ohlangothi lwaKho olophayo." Yilapho engifuna ukuhlala khona. Awufuni wena na? Manje, sisacula leli, *Ng'yaMthanda*, asiphakamisele izandla zethu kuYe, futhi sicule ngenhliziyo yethu yonke.

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
Ngoba Wang'thanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

246 Manje, njengoba ukhothamisa ikhanda lakho, vala amehlo akho, cabanga ngobuqotho ngempela manje, bonke abangenawo umbhaphathizo kaMoya oNgcwele ngezibonakaliso zothando, injabulo, ukuthula, ukubekezela, ubumnene, ukukhuthazela, ubumnene, ukukholwa, zonke lezizibonakaliso zikulandela, akunandaba ukuthi noma yini enye eyenzekile, leso yisithelo sikaMoya, futhi uma lokho kungekho empilweni yakho, ukuba nesineke, ubumnene, ukukhuthazela, uthando, uthethelela wonke umuntu, uma lezozibonakaliso zingekho empilweni yakho (Manje, makungabheki muntu, gcinani amakhanda enu ekhotheme.), phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngikhulekele, Mfowethu Branham." UNkulunkulu akubusise. Ngingathi cishe amaphesenti angamashumi ayisishiyagalolunye ebandla.

247 O, Jesu, ngiyacela, Nkulunkulu! Nkulunkulu, ngi—ngiyakuzonda nje ukusika labobantu kanjalo, kodwa, o, ngizokwenzenjani ngimi lapho ngoSuku lokwaHlulela na? Bese-ke ngibona lezozandla zikhala kakhulu nalabo besifazane

abanalobobuso obukhazimulayo, amehlo abo ephume phandle futhi ethi, "Kungani ungangitshelanga na?" Lapho lawo madoda ethi, "O, ukube ubungitshele lokho!" Nkulunkulu, ngisize. Ngiyacela, ngigcine, Nkosi, mangibe neqiniso, mangibe qotho, mangilunge, Nkosi, ngisize uku—ukwazi iZwi laKho, ukuze ngiLisho. Futhi siza lababantu lapha Baba.

248 Cabanga nje, enkomfeni yePentecostal lapha, namaphesenti angamashumi ayisishiyagalolunye bephakamise izandla zabo emva komlayezo oshisayo, onzima ophuma ngqo eZwini, uMoya oNgcwele ushanela unqamule, kodwa, Nkulunkulu, ngijabula kakhulu ukuthi basangakwazi ukukubona. Nowesilisa noma owesifazane okuqondayo futhi okwaziyo, Nkulunkulu, Kuzofanele kube nguMoya waKho ukhuluma nabo. Ngiyakhuleka, futhi ngibiza umphefumulo wabo bonke, njengenceku yaKho, Nkosi, mina, njengoMose, ngima phakathi kwabo, Nkosi, nokwaHlulela okuzayo. Ngiyanxusa, Nkosi, baphakamise izandla zabo. Uma ngiKuthokozisile, Baba, ngiyazi ukuthi angikuthokozisanga, kodwa uma ngenze noma yini e—ebe yinoma iyiphi inzuzo kuWe, ngizwe manje, kulobubusuku, Nkosi.

249 Laba ngabantu onikele, benze konke, bayangithanda, Nkosi, futhi bayalithanda iZwi, bayathanda, futhi bafuna ukulunga, Nkosi, vula lesoSikhoselo, kulobubusuku, Nkulunkulu, sengathi bangagijimela kuSo. Uma kukhona manje, kulobubusuku, ekamelweni lomkhuleko, ekamelweni labo lokulala, bavuse ngamaphupho nezinto, Nkosi, thululela uMoya waKho phezu kwabo, kwangathi bangathola leloDwala, Nkosi, O Nkulunkulu, kwangathi imiphefumulo yabo ingaba ngumlilo ovuthayo! Siphe khona, Nkosi.

250 SiyaKuthanda, futhi siyaKukholwa, futhi Wakusho lokhu eZwini laKho: "Cela enikuthandayo, niyakwenzelwa khona. Uma nihlala kiMi, neZwi laMi likini, celani enikuthandayo." Nkulunkulu, ngizamile ukugcina yonke imiyalo yeZwi, nakuba abantu bengixoshile ezinhlanganweni nakho konke okunye, kodwa ngisaLikholwa, ngiLimele, Nkosi. Manje yizwa umkhuleko wami: Ngikhulekela ngamunye wabo, Ngicela ngamunye wabo, Nkulunkulu, kwangathi bonke bangaba soHlwithweni, sengathi bangagcwaliswa ngoMoya, nazo zonke izibonakaliso zikaNkulunkulu ophilayo ophila phakathi kwabo, Nkosi. Siphe khona. EGameni likaJesu, ngiyabacelela. Amen.

251 UMfowethu Carlson wathi mhlawumbe bengifanele ngicele, uma kukhona abantu abagulayo, abafuna ukukhulekelwa. Ingabe bakhona lapha, kulobubusuku, abagulayo futhi bafuna ukukhulekelwa na? Phakamisani izandla zenu uma ekhona. O, he, isibalo nje sabo! (Ingabe bukhona obunye ubusuku, umhlangano na? Ingabe sizoba nobunye ubusuku na? Hhayi idili, qhabo, lokho bekuyo . . .) Awu, ngiyanitshela, beka izandla zakho phezu komunye nomunye ngenkathi

nisemkhulekweni, "Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo, uNkulunkulu uyakubavusa."

252 Bukani lapha, ngifuna ningibuke, ngibambe iBhayibheli lami. Kungangisiza ngani ukuma lapha njengomkhohlisi na? Nginonkosikazi nabantwana abathathu ekhaya. Nginabantwana okhalayo lapho ngihamba. Nginebandla ekhaya, lingincenga ukuthi ngihlale, "Ungahambi," elithanda ukwakha amatabernakele, noma yini enye, kodwa abaningi bami, abakwazanga ukuza lapho, ngifanele ngiye kubo. Niyabo? Kungangisiza ngani ukuma lapha futhi nginitshele okuthile obekungalungile na?

253 Ngineminyaka engamashumi amahlanu nantathu ubudala, ngibe umfundisi iminyaka engamashumi amathathu nambili, Angikaze nakanye ngikhulekele lutho ngobuqotho, kodwa lokho Anginika khona, noma wangibonisa ukuthi kungani Engakwazanga ukunginika khona. Kunjalo impela. Bengihlala ngikuthola uma ngikucela, futhi Ubeyongikhombisa lokho, ngi— ngiyajabula ngokuthi Akanginikanga khona. Ngikusho lokho njengo—njengomfowenu ozodingeka ahlangane nawe ngoSuku lokwaHlulela ngawo kanye umlayezo engiwushumayelile, kulobubusuku.

254 Ngobuqotho nibeka izandla zenu phezu komunye nomunye, futhi nikhulekelane, futhi ungangabazi nakancane, kodwa kholwa ukuthi lokho okucelile uzokwamukela, futhi uNkulunkulu uzokunika khona, Angikhathali ukuthi ugula kangakanani, noma yini engalungile ngawe, uNkulunkulu uzokupha khona. Uyakukholwa lokho na? Bekani izandla zenu komunye nomunye. Ngizonicaphunela iZwi: "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo; uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda." Ubani na? Nina, nina makholwa. Ungazikhulekeli wena manje, khulekela lowo obeke izandla zakho kuye, ngoba bayakukhulekela.

255 Baba wethu waseZulwini, ngiyazi iZwi seliphumile, Liyitholile indawo yaLo. Futhi manje, ngibatshele ukuthi kuneNdawo yokuPhepha, futhi kuleNdawo yokuPhepha kunamandla okuphulukisa. Futhi, Nkosi, babeka izandla zabo phezu komunye nomunye, bangamakholwa, futhi siyaKukholwa. Manje, uSathane ubophe abanye balababantu ngokugula. Bayakhulekelana bebeke izandla omunye komunye.

256 Sathane, uhlulwa yimpi. Ngizamile ukuma ngokwethembeka eZwini likaNkulunkulu, futhi Wathi, "Uma nihlala kiMi, namaZwi aMi kini, celani enikuthandayo, futhi kuyokwenziwa." Ngakho-ke, Sathane, ngiza eGameni likaJesu Kristu, phezu kwesisekelo seGazi laKhe elichithekileyo, ukuvuka kwaKhe, nokubonakala kwaKhe lapha, kulobubusuku, emandleni okuPhila okuPhakade, khulula lababantu. EGameni likaJesu Kristu, ngiyakwenqaba ukuba ube usababamba.

Phuma kubo, Sathane, ukuze bahambe futhi bakhululeke, eGameni likaJesu Kristu.

257 "Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo, uNkulunkulu uyakubavusa." Ingabe ningabantwana baka-Abrahama na? Ingabe kufanele ube ngumntwana ka-Abrahama na? U-Abrahama, kungakhathaleki ukuthi kwathatha isikhathi eside kangakanani, "Akazange angabaze ngesithembiso sikaNkulunkulu ngokungakholwa; kodwa waqina, edumisa uNkulunkulu."

258 Kungakhathaleki ukuthi udeveli ukutshela kangakanani, "Qha, qha, qha," wena yithi, "Yebo, yebo, yebo." Uyalikholwa iZwi likaNkulunkulu, kulobubusuku, futhi uNkulunkulu uzolifeza, yonke into oyicelile, uzakuyemukela, uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

259 Manje ngizokubuza: Phezu kwesisekelo seGazi elichithekileyo, phezu kwesisekelo sokwazi ukuthi ungumKristu, futhi isithembiso siyiqiniso, uma uJesu ethembisa ukuPhila emva kokufa, waya phambili ekufeni futhi wabuya nokuPhila ukukufakazisa, futhi aninike ukuPhila kukaMoya kini, noBukhona baKhe lapha manje, Kungehluleka kanjani na? Akukwazi ukwehluleka, "Amazulu nomhlaba kuyodlula, kodwa iZwi laMi alisoze ladlula."

260 Uma sizisho ukuthi siyiNzalo ka-Abrahama, iNzalo yobuKhosi, iNzalo ka-Abrahama yobuKhosi, futhi siyalingabaza iZwi laKhe, bese-ke kuba yiNzalo ka-Abrahama na? U-Abrahama, indoda eneminyaka engamashumi ayisikhombisa nanhlanu ubudala, nomkakhe enamashumi ayisithupha nanhlanu, futhi babengazali, eyinyumba, uNkulunkulu wabatshela ukuthi bayoba nengane, balinda iminyaka engamashumi amabili nanhlanu, waze owesifazane waba neminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye futhi yena owesilisa wayenekhulu, futhi wayesadumisa uNkulunkulu ukuthi wayezoba nengane. Asikwazi ukukholwa kodwa imizuzu embalwa na?

261 Ngikholwa ukuthi nonke niphulukisiwe. Ingabe nikholwa okufanayo na? Phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngiyakwemukela phezu kwesisekelo seGazi elichithekileyo." UNkulunkulu akubusise. Khona-ke niphulukisiwe eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Kulungile, Mfowethu Clayton.

